REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SAFETY AT SPORTS AND RECREATIONAL EVENTS ACT

IRIPHABHLIKI YASENINGIZIMU AFRIKA

UMTHETHO WEZOKUPHEPHA EMICIMBINI YEZEMIDLALO KANYE NOKUNGCEBELEKA

No 2, 2010

ACT

To provide for measures to safeguard the physical well-being and safety of persons and property at sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar events held at stadiums, venues or along a route; to provide for the accountability of event role-players; to provide for certain prohibitions; to provide for the risk categorisation of events; to provide for the establishment of measures to deal with safety and security at events; to provide for accreditation of role-players at events; to provide for event ticketing; to provide for the control of access of spectators and vehicles at events; to provide for the issuing of safety certificates for planned or existing stadiums or venues; to provide for the contents of safety certificates and amendments to safety certificates; to provide for appointment of inspectors and their powers of entry and inspection; to provide for the deployment of security services; to provide for spectator exclusion notices; to provide for prohibition notices; to provide for the establishment of an Appeal Board and for appeals; to provide for public liability insurance for events; to provide for payment of fees; to provide for offences and penalties; and to provide for matters connected therewith.

PREAMBLE

RECOGNISING that—

- the physical well-being and safety of all persons attending sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar events as well as the safety of their property—
  - at stadiums or other venues; and
  - in the case of a race, tour or procession, along a route,

  must be promoted and protected;
- the rights of persons who attend sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar events must be protected;

NOTING that—

- the planning, management and enforcement of safety and security at sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar events held at stadiums, other venues and in respect of events in the form of a race, tour or procession along a route, must be handled by people experienced in the field of safety and security;
- all controlling bodies of sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar activities, event organisers, stadium or venue owners and their managements must have proper safety and security measures in place; and

UMTHETHO

Ukuhlinzekela ngezinyathelo zokuvikela inhlalakahle nokuphepha kwabantu kanye nempahla emicimbini yezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso, inhlangano noma emicimbini efana nale ebanjelwe ezinkundleni zezemidlalo, ezinkundleni zokudlalela noma emzileni; ukuhlinzekela ngabantu abaqondene; ukuhlinzekela ngezithibo ezithile; ukuhlinzekela ngokuhlukanisa umcimbi ngezinga lobungozi; ukuhlinzekela ngokusungulwa kwezinyathelo zokubhekana nokuphepha kanye nokuvikela emicimbini; ukuhlinzekela ngokugunyaza abantu abaqondene emicimbini; ukuhlinzekela ukudayisa amathikithi omcimbi; ukuhlinzekela ngokulawula izethameli kanye nezimoto ezingena emicimbini; ukuhlinzekela ngokukhipha izitifiketi zokuphepha kwezinkundla zemidlalo ezihleliwe noma ezisebenzayo noma zezinkundla zokudlalela; ukuhlinzekela ngokuqukethwe isitifiketi sokuphepha kanye nokuchibiyela izitifiketi zokuphepha; ukuhlinzekela ngokulungiselela izethameli kanye negunya lazo lokungena futhi zihlolwe; ukuhlinzekela ngokutshalwa konogada; ukuhlinzekela ngezaziso ezinqabela izethameli ezithile ukuba zithamele; ukuhlinzekela ngokusungulwa kweBhodi lokuBuyekeza kanye nezicelo zokubuyekeza; ukuhlinzekela ngomshwalense oqondene nezethameli; ukuhlinzekela ngokukhokhwa kwezimali; ukuhlinzekela ngamacala kanye nezigwebo; kanye nokuhlinzekela ngezindaba ezixhumene nawo.

ISANDULELO

UKUBONA ukuthi—

- Inhlalakahle kanye nokuphepha kwabantu abathamele imicimbi yezemidlalo, yokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, inhlangano noma imicimbi efana nale kanye nokuphepha kwempahla yabo—
  - ezinkundleni zemidlalo noma kwezinye izinkundla zokudlalela; kanye
  - nomjaho, ukuvakasha noma inhlabaluhide, ebanjelwa emzileni,

  kumele kukhuthazwe futhi kuvikelwe;
- amalungelo abantu abathamele imicimbi yezemidlalo, yokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, yenhlangano noma imicimbi efana nale kumele avikelwe;

UKUQAPHELA ukuthi—

- ukuhlela, ukusingatha kanye nokubophezela ukuphepha kanye nokuvikela emicimbini yezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso, izinhlangano noma imicimbi efanayo nale ebanjelwa ezinkundleni zemidlalo, kwezinye izinkundla zokudlalela futhi nemicimbi efana nomjaho, ukuvakasha endaweni noma inhlabaluhide ebanjelwa emzileni womjaho, kumele iphathwe abantu abanolwazi emkhakheni wokuphepha kanye nokuvikela;
- wonke amagatsha alawula ezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso, izinhlangano noma okufana nalokhu, abagqugquzeli bomcimbi, abanikazi benkundla yezemidlalo noma benkundla yokudlalela kanye nabaphathi babo kumele babe nezinyathelo zokuphepha kanye nokungcebeleka ezifanele futhi ezimi ngomumo; futhi

- controlling bodies of all sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar activities, event organisers and stadium and venue owners and their managements must place the broader interests of sports, recreational, religious, cultural, organisational or similar activities above their own interests, particularly the promotion and maintenance of the safety, security and convenience of persons who attend sports, recreational, religious, cultural, organisational or similar events;

ACKNOWLEDGING—

- the need to determine and maintain minimum safety and security standards at sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar events;
- the importance of the promotion of spectator-friendly, secure sports, recreational, religious, cultural, organisational or similar events;
- that the Republic has become a desirous destination for the hosting of major international sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar events,

BE IT THEREFORE ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

ARRANGEMENT OF SECTIONS

Sections

CHAPTER 1

DEFINITIONS AND APPLICATION OF ACT

1. Definitions
2. Application of Act
3. Exemptions

CHAPTER 2

ENSURING RESPONSIBILITY FOR SAFETY AND SECURITY AT EVENTS

4. Responsibility for safety and security at events
5. Prohibition
6. Risk categorisation of events
7. Safety certificates
8. Existing stadium or venue safety certificate
9. New stadium or venue design safety certificate
10. Certificate in respect of alteration or extension to stadium or venue
11. High risk event safety certificate
12. Contents of safety certificates
13. Amendments to safety certificates
14. Inspectors and powers of entry and inspection

CHAPTER 3

PART 1

MEASURES TO ENSURE SAFETY AND SECURITY AT EVENTS

15. Event safety and security planning committee

- amagatsha alawula zonke ezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso, izinhlangano noma okufana nalokhu, abagqugquzeli bomcimbi kanye nabanikazi benkundla yezemidlalo kanye nenkundla yokudlalela nabaphathi babo kumele bagxile kakhulu kwezemidlalo, ezokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, izinhlangano noma kokufana nalokhu bangagxili kokuthandwa yibona, ikakhulukazi ekukhuthazeni kanye nasekunakekeleni ezokuphepha kanye nokuvikela futhi kube lula kubantu abathamela imicimbi yezemidlalo, ezokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, izinhlangano noma imicimbi efana nale;

UKUVEZA—

- isidingo sokunquma kanye nokugcina amazinga okuphepha kanye nokuvikela emicimbini yezemidlalo, yokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso, inhlangano noma imicimbi efanayo nale ukuba agcinwe ngendlela efanele;
- ukubaluleka kokukhuthaza izethameli, emicimbini yezemidlalo, yokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, inhlangano noma imicimbi efanayo nale evikelekile;
- ukuthi iRiphabhuliki ilangazelele ukusingatha imicimbi emikhulu yomhlaba wonke yezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso izinhlangano noma imicimbi efanayo nale,

NJENGOBA UMISWE iPhalamende laseNingizimu Afrika, ngale ndlela elandelayo:—

UKUHLELWA KWEZIGABA

Izigaba

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO KANYE NOKUSEBENZA KOMTHETHO

1. Izincazelo
2. Ukusebenza komthetho
3. Okungabophezelekile

ISAHLUKO 2

UKUQIKELELA ISIBOPHEZELO SOKUPHEPHA KANYE NOKUVIKELA EMICIMBINI

4. Umsebenzi wokuphepha kanye nokuvikela emcimbini
5. Ukunqabela
6. Ukuhlukaniswa kwemicimbi ngamazinga obungozi bayo
7. Izitifiketi zokuphepha
8. Isitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela
9. Isitifiketi sesakhiwo senkundla yezemidlalo entsha noma senkundla yokudlalela
10. Isitifiketi sokulungiswa noma sokunwetshwa kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela
11. Isitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu
12. Okuqukethwe izitifiketi zokuphepha
13. Izichibiyelo zezitifiketi zokuphepha
14. Abahloli kanye negunya lokungena ezakhiweni bahlole

ISAHLUKO 3

INGXENYE 1

IZINYATHELO ZOKUQIKELELA UKUPHEPHA KANYE NOKUVIKELA EMICIMBINI

15. Ikomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini

16. Functions of event safety and security planning committee
17. Venue operations centre
18. Accreditation and access to designated areas
19. Event ticketing
20. Spectator and vehicle access control
21. Prohibition notices
22. Spectator exclusion notices
23. Event safety and security measures
24. Deployment of state security services
25. Public liability insurance

PART 2

APPEAL BOARD AND APPEALS

26. Establishment, composition and appointment of Appeal Board
27. Acting by member of Appeal Board after expiry of term of office
28. Resignation and casual appointment of member of Appeal Board
29. Quorum and decisions of Appeal Board
30. Removal of member and dissolution of Appeal Board
31. Appointment of interim Appeal Board
32. Chairperson and Deputy Chairperson of interim Appeal Board
33. Quorum of interim Appeal Board
34. Disqualification from Appointment to Appeal Board
35. Conflicts and disclosure of interest by members of Appeal Board
36. Functions of Appeal Board
37. Procedure and rules of Appeal Board
38. Administrative support to Appeal Board
39. Expenditure of Appeal Board
40. Remuneration of members of Appeal Board
41. Report of Appeal Board
42. Appeals

CHAPTER 4

GENERAL PROVISIONS, SHORT TITLE AND COMMENCEMENT

43. Fees
44. Offences and penalties
45. Regulations
46. Delegation
47. Limitation of liability
48. Short title and commencement

CHAPTER 1

DEFINITIONS AND APPLICATION OF ACT

Definitions

1. In this Act, unless the context otherwise indicates—

"access control officer" means a person appointed in terms of section 20 to be in charge of access of persons and motor vehicles at an event;

"accreditation" means a process whereby persons and drivers of motor vehicles wishing to enter a designated area within a stadium, venue or along a route or their respective precincts must apply for, be evaluated, screened and subjected to meeting certain criteria set by the event safety and security planning committee and be issued with a special pass incorporating security features which entitles the

16. Imisebenzi yekomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini
17. Isizinda esiqaphe ukuphepha kanye nokuvikela
18. Igunya kanye nokungena ezindaweni ezikhethekile
19. Ukudayisa amathikithi omcimbi
20. Ukulawula izethameli kanye nezimoto ezingenayo
21. Izaziso zokunqatshelwe
22. Izaziso ezinqabelayo
23. Izinyathelo zokuphepha kanye nokuvikela emcimbini
24. Ukutshalwa konogada bakahulumeni
25. Umshwalense oqondene nezethameli

INGXENYE 2

IBHODI LOKUBUYEKEZA KANYE NEZICELO ZOKUBUYEKEZA

26. Ukusungula, ukwakheka kanye nokuqokwa kweBhodi lokuBuyekeza
27. Ukusebenza kwelungu leBhodi lokuBuyekeza ngemuva kokuphelelwa isikhathi kweBhodi lokuBuyekeza
28. Ukusula esikhundleni kanye nokuqokwa kwelungu lesikhashana leBhodi lokuBuyekeza
29. Inani lamalungu elidingekayo ukuqala umhlangano kanye nezinqumo zeBhodi lokuBuyekeza
30. Ukukhishwa kwelungu kanye nokusususwa kweBhodi lokuBuyekeza
31. Ukuqokwa kweBhodi lokuBuyekeza lesikhashana
32. USihlalo kanye nePhini likaSihlalo beBhodi lokuBuyekeza lesikhashana
33. Inani lamalungu elidingekayo ukuqala umhlangano weBhodi lokuBuyekeza
34. Abantu abangakulungele ukuQokelwa iBhodi lokuBuyekeza
35. Ingxabano kanye nokudalula inzuzo etholwa amalungu eBhodi lokuBuyekeza
36. Imisebenzi yeBhodi lokuBuyekeza
37. Inqubo kanye nemithetho yeBhodi lokuBuyekeza
38. Ukusekwa kweBhodi lokuBuyekeza ngezokuphatha
39. Izindleko zeBhodi lokuBuyekeza
40. Inkokhelo yamalungu eBhodi lokuBuyekeza
41. Umbiko weBhodi lokuBuyekeza
42. Izicelo zokubuyekeza

ISAHLUKO 4

IMIBANDELA EJWAYELEKILE, ISIHLOKO ESIFINGQIWE KANYE NOKUQALA UKUSEBENZA KOMTHETHO

43. Izimali
44. Amacala kanye nezigwebo
45. Izimiso zomthetho
46. Ukunikezela ngamandla
47. Imikhawulo yegunya
48. Isihloko esifingqiwe kanye nokuqala ukusebenza komthetho

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO KANYE NOKUSEBENZA KOMTHETHO

Izincazelo

1. Kulo Mthetho, ngaphandle uma ingqikithi ichaza ngokunye—

"umsebenzi olawula intuba yokungena" uchaza umuntu oqokwe ngokwemigomo yesigaba sama-20 ukuba aqaphe abantu kanye nezimoto ezingenayo emcimbini;

"imvume yokungena" ichaza uhlelo lapho wonke umuntu kanye nabashayeli bezimoto abafisa ukungena endaweni ekhethekile esenkundleni yezemidlalo, enkundleni yokudlalela noma emzileni noma emagcekeni, okumele bafake isicelo, sihlolwe sihlaziywe ngendlela ehambisana nenqubo ebekwe ikomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela futhi ekhishwe ngokukhethekile ihlanganisa

holder thereof to gain access to the designated area as contemplated in section 18;

"authorised member" means a police official designated in terms of section 15 as Chairperson of an event safety and security planning committee and has overall authority to direct measures relating to safety and security at an event;

"Authority" means the Private Security Industry Regulatory Authority established by section 2(1) of the Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001);

"controlling body" means a national federation as defined in section 1 of the National Sport and Recreation Act, 1998 (Act No. 110 of 1998), a provincial federation or an international controlling body or other body governing a code of sport, recreational, religious, cultural or similar activity in the Republic, but excludes the National Department of Sport and Recreation of the Republic of South Africa;

"corporate hospitality" includes the provision of food, liquid refreshments and entertainment, to members of the public or invited guests within a permanent or temporary demarcated hospitality area which may be located within a stadium or a venue or along a route, or within the immediate or outer precincts thereof;

"designated area" means an area or zone designated by the event safety and security planning committee in the prescribed manner as contemplated in section 16(1)*(e)* and in respect of which access is limited to a person specifically accredited to enter such area or zone;

"disaster management" means a process of planning and implementation of the disaster preventative and reactive measures referred to in section 1 of the Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002);

"disaster management centre" means a centre established in terms of the Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002);

"emergency services" means, in relation to a sports, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar event, all public and private sector medical services, including emergency medical services and health services, the fire department, the disaster management department and local authority traffic or by-law enforcement department;

"essential services" means a department of state or other administrative unit, such as a disaster management centre and those departments responsible for electrical, water, sewerage and waste removal utilities in the administration of a local authority, including any functionary or institution performing the above or related public functions, or an external service provider as defined in section 1 of the Local Government: Municipal Systems Act, 2000 (Act No. 32 of 2000), responsible for ensuring that the measures contemplated under the definition of 'disaster management' contained in section 1 of the Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002), are in place and complied with as far as the staging of an event at a stadium or venue or along a route is concerned;

"event" means sporting, entertainment, recreational, religious, cultural, exhibitional, organisational or similar activities hosted at a stadium, venue or along a route or within their respective precincts;

"event organiser" means any person who plans, is in charge of, manages, supervises or holds an event or sponsorship rights to an event or in any manner controls or has a material interest in the hosting of an event as contemplated in this Act;

"event safety and security planning committee" means the committee contemplated in section 15 responsible for coordinating the functions of the role-players that are involved in the provision of safety and security at an event, the safety and security planning for an event, the assignment of safety and security tasks to role-players at an event, the demarcation of safety and security areas and zones and to advise the National Commissioner of the committee's assessment of the categorisation of an event;

ukuphepha enikeza umnikazi wayo ukuba athole igunya lokungena ezindaweni ezikhethekile njengoba kuveziwe esigatsheni se-18;

"ilungu eligunyaziwe" lichaza umsebenzi wophiko lwezemisebenzi yamaphoyisa oqokwe ngokwemigomo yesigaba se-15 njengoSihlalo wekomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela futhi onegunya lonke lokuyalela ngezinyathelo ezihlobene nokuphepha kanye nokuvikela emcimbini;

"uMkhandlu" uchaza uPhiko oluQondisayo lweziMboni zoNogada Ezizimele olusungulwe esigatsheni sesi-2(1) se-*Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001);*

"igatsha elilawulayo" lichaza umfelandawonye kazwelonke njengoba uchazwe esigatsheni soku-1 se-*National Sport and Recreation Act, 1998 (Act No. 110 of 1998)*, umfelandawonye wesifundazwe noma igatsha elilawulayo likazwelonke noma elinye igatsha elisingethe umthetho wezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko noma okufana nalokhu eRiphabhuliki, kodwa alibandakanyi uMnyango kaZwelonke wezeMidlalo kanye nokuNgcebeleka waseRiphabhuliki yase-Ningizimu Afrika;

"ukuphathwa kwezivakashi" kubandakanya ukuhlinzekela ngokudla, iziphuzo kanye nezikaqedisizungu, kumalungu omphakathi noma ezivakashini ezimenyiwe endaweni yesikhashana noma yansuku zonke eklanyelwe ukunakekela izivakashi engaba ngaphakathi kwenkundla yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni, noma eseduzane noma esemagcekeni ngaphandle;

"indawo ekhethekile" ichaza indawo noma isizinda esikhethwe ikomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela ngendlela enqunyiwe njengoba kuvezwe esigatsheni se-16 (1) *(e)* futhi lapho kuvunyelwe ukungena umuntu othile ogunyaziwe ukuba angene kule ndawo noma kulesi sizinda;

"ukusingathwa kwenhlekelele" kuchaza uhlelo lokuhlela kanye nokuse-tshenziswa kwezinyathelo zokuvikela inhlekelele kanye nezimi ngomumo ezishiwo esigatsheni soku-1 se-*Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002);*

"isikhungo esibhekele ukusingathwa kwenhlekelele" sichaza isikhungo esi-sungulwe ngokwemigomo ye-*Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002)*;

"usizo oluphuthumayo" kuchazwa mayelana nezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, imbukiso, izinhlangano noma umcimbi ofana nale, yonke imikhakha yezokwelapha kahulumeni kanye nezimele, kubandakanya usizo oluphuthumayo kanye nezempilo, umnyango wezokucishwa komlilo, umnyango wezokusingathwa kwenhlekelele kanye namaphoyisa ezomgwaqo endawo noma umnyango oqikelela ukulandelwa kwemithetho kamasipala;

"imisebenzi esemqoka" ichaza umnyango kahulumeni noma elinye igatsha eliphethe, njengesikhungo esibhekele ukusingathwa kwenhlekelele kanye naleyo minyango ebhekele ugesi, amanzi, indle kanye nezindlela zokulahlwa kukadoti ekusingatheni komkhandlu wendawo, kubandakanya okunye okusebenzayo noma isikhungo esenza le misebenzi engaphezulu noma imisebenzi yomphakathi ehambisana nale, noma ophakela ngosizo ovela ngaphandle njengoba kuchaziwe esigatsheni soku-1 se-*Local Government Disaster Management Act, 2000 (Act No. 32 of 2000)*, abaqikelela ukuthi izinyathelo ezivezwe ngaphansi kwencazelo ''yokusingathwa kwenhlekelele'' okuqukethwe esigatsheni soku-1 se-*Disaster Management Act, 2002 (Act No. 57 of 2002)*, zimi ngomumo futhi ziyalandelwa mayelana nokubanjwa komcimbi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni oqondene;

"umcimbi" uchaza ezemidlalo, ezikaqedisizungu, ezokungcebeleka, ezenkolo, amasiko, umbukiso, inhlangano noma okufanayo nalokhu okubanjelwe enkundleni yezemidlalo, enkundleni yokudlalela noma emzileni noma emagcekeni;

"umgqugquzeli womcimbi" uchaza noma ubani ohlelayo, obhekele, ophethe, ongamele noma obambe umcimbi noma amalungelo omxhasi womcimbi noma olawula ngendlela ethile noma onentshisekelo yokusingatha umcimbi njengoba kuveziwe kulo Mthetho;

"ikomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini" lichaza ikomidi elivezwe esigatsheni se-15 elibhekele ukuhlela imisebenzi yabantu abaqondene ababandakanyekayo ekuhlinzekeleni ngezokuphepha kanye nokuvikela emcimbini, ukuphepha kanye nokuvikela umcimbi, ukwabela imisebenzi yokuphepha kanye nokuvikela abantu abaqondene emcimbini, ukuklama izindawo kanye

"event ticketing" means the production, distribution and sale of tickets in respect of an event contemplated in section 19;

"exclusion notice" means the notice contemplated in section 22 which may be issued by the authorised member, VOC commander or the National Commissioner to prevent the attendance of a person or group of persons that, based on historical behaviour regarding such person or group of persons, or reliable current information, may result in the disruption of an event or cause injury to a person or damage to property;

"existing stadium or venue safety certificate" means a certificate issued by a local authority in terms of section 7(1)*(a)* regarding the infrastructural safety of an existing stadium or venue;

"grading certificate" means a certificate issued by a local authority in terms of section 7(2) determining the safe spectator capacity of a stadium or venue and the level of risk of the event that may be hosted at a stadium or venue;

"high-risk event safety certificate" means a certificate, which may contain specific conditions, issued by the National Commissioner in terms of section 7(3) in respect of an event that has been categorised as high-risk;

"liquor" means liquor as defined in section 1 of the Liquor Act, 2003 (Act No. 59 of 2003);

"local authority" means a municipality established under section 12 of the Local Government: Municipal Structures Act, 1998 (Act No. 117 of 1998), within whose jurisdiction a stadium, venue or route is located;

"Minister" means the Minister responsible for sport and recreation in the Republic;

"National Commissioner" means the National Commissioner of the South African Police Service;

"National Health Act" means the National Health Act, 2003 (Act No. 61 of 2003);

"new stadium or venue design safety certificate" means a certificate contemplated in section 9 issued with regard to the infrastructural safety of a planned new stadium or venue;

"organise" includes to arrange, be in charge of or purport to be in charge of, convene, host, manage, plan, stage, supervise, hold an event or hold sponsorship rights to an event;

"peace officer" means a peace officer as defined in section 1 of the Criminal Procedure Act, 1977 (Act No. 51 of 1977);

"person" includes a natural or juristic person;

"police official" means a member as defined in section 1 of the South African Police Service Act, 1995 (Act No. 68 of 1995), and includes a member of a municipal police service;

"precinct" means an enclosed or clearly defined surrounding area or environs or a specifically designated or sign-posted area immediately adjacent to or in close proximity to a stadium, venue or route which is demarcated in terms of a safety and security plan;

"prescribe" means prescribe by regulation;

"prohibition notice" means a notice contemplated in section 21 that prohibits or restricts the admission of spectators to a stadium, venue or route if the admission of spectators involves or may involve a serious risk to any person at an event;

"registered person" means a person defined in section 1 of the Engineering Profession Act, 2000 (Act No. 46 of 2000), and registered under the category of Professional Engineer; Professional Engineering Technologist; Professional Certificated Engineer; or Professional Engineering Technician in terms of section 8 of that Act;

nezizinda zokuphepha kanye nokuvikela kanye nokululeka uKhomishana kaZwelonke mayelana nokuhlola kwekomidi ukuhlukanisa umcimbi;

"ukudayisa amathikithi omcimbi" kuchaza ukukhiqiza, ukwaba ukudayisa amathikithi omcimbi avezwe esigatsheni se-19;

"isaziso ngezethameli ezithile ezingavumelekile ukuba zithamele umcimbi" sichaza isaziso esivezwe esigatsheni sama-22 esingakhishwa ilungu eligunyaziwe, umphathi we-VOC noma uKhomishana kaZwelonke ukuvimbela ukuthamela komuntu noma kweqembu labantu, okususelwa emlandweni wokuziphatha kwalowo muntu noma kweqembu labantu, noma emininingwaneni ethembekile yangaleso sikhathi, okungaholela ekuphazamiseni umcimbi noma ekulimazeni umuntu noma impahla;

"isitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela" sichaza isitifiketi esikhishwe umkhandlu wendawo ngokwemigomo yesigaba sesi-7(1)*(a)* esimayelana nengqalasizinda yokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela;

"isitifiketi sezinga" sichaza isitifiketi esikhishwe umkhandlu wasekhaya ngokwemigomo yesigaba sesi-7(2) esinquma ukuphepha kwezethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kanye nezinga lobungozi bomcimbi ongabanjelwa enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela;

"isitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu" sichaza isitifiketi, esingaqukatha imibandela ethile, esikhishwe uKhomishana kaZwelonke ngokwemigomo yesigaba sesi-7(3) mayelana nomcimbi ochazwe njengomcimbi onobungozi kakhulu;

"uphuzo oludakayo" luchaza uphuzo oludakayo oluchazwe esigatsheni soku-1 se-*Liquor Act, 2003 (Act No. 59 of 2003);*

"umkhandlu wasekhaya" uchaza umasipala osungulwe ngaphansi kwesigaba se-12 se-*Local Government: Municipal Structures Act, 1998 (Act No. 117 of 1998)*, onegunya ngenkundla yezemidlalo, inkundla yokudlalela noma umzila;

"uNgqongqoshe" uchaza uNgqongqoshe obhekele ezemidlalo kanye nokungcebeleka eRiphabhuliki;

"uKhomishana kaZwelonke" uchaza uKhomishana kaZwelonke woPhiko lwezeMisebenzi yamaPhoyisa eNingizimu Afrika;

"*i-National Health Act*" ichaza i-*National Health Act, 2003 (Act No. 61 of 2003)*;

"isitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo entsha noma kwenkundla yokudlalela" sichaza isitifiketi esivezwe esigatsheni sesi-9 esikhishwe ngokwengqalasizinda yokuphepha kwenkundla yezemidlalo entsha ehleliwe noma kwendawo;

"ukuhlela" kubandakanya ukulungisa, ukuqapha noma okuqondwe ngakho ukuqapha, ukubamba, ukusingatha, ukuphatha, ukuhlela, ukubonisa, ukusingatha, ukuthwala umcimbi noma ilungelo lokuxhasa umcimbi;

"oqaphe ukuthula" uchaza umuntu oqaphe ukuthula njengoba kuchazwe esigatsheni soku-1 se-*Criminal Procedure Act, 1977 (Act No. 51 of 1977);*

"umuntu" ubandakanya umuntu ojwayelekile noma umuntu ongashushiswa noma ashushise;

"iphoyisa" lichaza ilungu njengoba kuchazwe esigatsheni soku-1 se-*South African Police Service Act, 1995 (Act No. 68 of 1995)*, futhi kubandakanya ilungu lophiko lwezemisebenzi yamaphoyisa kamasipala;

"egcekeni" kuchaza indawo evalekile noma indawo ebekwe ngokusobala noma izindawo noma ekhethekile noma indawo efakwe uphawu eseduze noma eyakhelene nenkundla yezemidlalo, indawo noma umzila eklanyiwe ngokwemigomo yohlelo lokuphepha kanye nokuvikela;

"okunqunyiwe" kuchaza okunqunywe izimiso zomthetho;

"isazizo esinqabelayo" sichaza isaziso esivezwe esigatsheni sama-21 esinqabela noma esivimbela ukwamukelwa kwezethameli enkundleni yezemidlalo, endaweni noma emzileni uma ukwamukela lezo zethameli kuholela noma kungaholela engozini enkulu kunoma ubani osemcimbini;

"umuntu obhalisiwe" uchaza umuntu ochazwe esigatsheni soku-1 se-*Engineering Profession of South Africa Act, 2000 (Act No. 46 of 2000)*, futhi obhaliswe ngaphansi koNjiniyela Abaqeqeshiwe; oNjiniyela Abaqeqeshiwe bezobuChwepheshe; oNjiniyela Abaqeqeshiwe abaneziTifiketi; noma oNjiniyela Abaqeqeshiwe Abanolwazi Olunzulu ngokwemigomo yesigaba se-8 salo Mthetho;

"isimiso somthetho" sichaza isimiso somthetho esenziwe ngaphansi kwesigaba sama-45;

"regulation" means a regulation made under section 45;
"route" means the way or course taken in getting from a starting point to a destination during an event which takes the form of a race or procession;
"safety certificate" means a certificate referred to in section 7 regarding the safety of a stadium or venue for holding an event or determining the safe spectator capacity of a stadium or venue and the level of risk of the event that may be hosted at a stadium or venue or issued in respect of a high-risk event;
"safety and security plan" means the safety and security plan referred to in section 16(1)*(b)* providing for the coordination of the functions of the role-players involved in the provision of safety and security at an event;
"safety officer" means a person appointed in terms of section 4(4)*(a)* to assist with the planning and oversight of safety and security measures at an event;
"security officer" means a security officer as defined in section 1 of the Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001);
"security service" means a security service as defined in section 1 of the Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001), rendered at an event;
"security service provider" means a security service provider as defined in section 1 of the Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001);
"spectator" means a member of the public who is an attendee or part of an audience at an event held at a stadium, venue or along a route or within their respective precincts;
"stadium" means an enclosed or semi-enclosed structure which consists of seating for spectators and a field of play or a permanent or temporary podium or other area within the structure reserved for the purposes of hosting events, which has a safe seated or standing spectator capacity of at least 2000 persons as certified by a local authority;
"stadium design plan" means a stadium design plan referred to in section 9 or 10 in respect of a planned new stadium or a proposed alteration or extension to a stadium;
"stadium owner" means a person who owns, manages or is entitled to exercise the rights of an owner or occupier of a stadium used for events;
"steward" means a person appointed in terms of section 4(4)*(b)*, and exempted in terms of section 20(5) of the Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001), to be responsible for the marshalling and overseeing of the safe and general flow of spectators, the provision of event information, including safety and security information to spectators, the provision of ushering services and the provision of assistance with emergency evacuation procedures to persons within a stadium or venue and their precincts;
"this Act" includes a regulation made under section 45;
"traffic-free zone" means an area designated by an event safety and security planning committee on a public road or other area, and clearly marked in the prescribed manner, as an area where access is limited to a motor vehicle and a person specifically accredited to enter such an area;
"vendor" means a person authorised in writing by a controlling body, event organiser or a stadium or venue owner to sell or otherwise purvey approved goods or services within the precincts of a stadium or venue or along a route;
"venue" means any area or place, other than a stadium where an event is hosted, that has a seating or standing spectator capacity of at least 2 000 persons as certified by a local authority, within which other permanent or temporary structures may be erected and which may be demarcated by an enclosed or semi-enclosed permanent or temporary structure;

"umzila" uchaza indlela noma umgudu osetshenzisiwe lapho kusukwa khona ukufika emaphethelweni ngesikhathi somcimbi ofana nomjaho noma inhlabaluhide;

"isitifiketi sokuphepha" sichaza isitifiketi esishiwo esigatsheni sesi-7 esimayelana nokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela yokubambela umcimbi noma esinquma ukuphepha kwezethameli enkundleni yezemidlalo noma ekundleni yokudlalela kanye nezinga lobungozi bomcimbi ongabanjelwa enkundleni yezemidlalo noma endaweni noma esikhishelwe umcimbi onobungozi kakhulu;

"uhlelo lokuphepha kanye nokuvikela" luchaza uhlelo lokuphepha kanye nokuvikela olushiwo esigatsheni se-16(1)*(b)* oluhlinzekela ngokuhlela imisebenzi yabantu abaqondene ababandakanyeka ekuhlinzekeleni ngokuphepha kanye nokuvikela emcimbini;

"umsebenzi wophiko lwezokuphepha" uchaza umuntu oqokwe ngokwemigomo yesigaba se-4(4)*(a)* ukuba asize ukuhlela kanye nokusingatha izinyathelo zokuphepha kanye nokuvikela emcimbini;

"unogada" uchaza unogada ochazwe esigatsheni soku-1 se-*Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001);*

"umsebenzi wonogada" uchaza umsebenzi wonogada ochazwe esigatsheni soku-1 se-*Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001)*, owenziwa emcimbini;

"ophakela ngomsebenzi wonogada" uchaza ophakela ngomsebenzi wonogada ochazwe esigatsheni soku-1 se-*Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act No. 56 of 2001);*

"isethameli" sichaza ilungu lomphakathi elithamele noma eliyingxenye yezihlwele emcimbini obanjelwe enkundleni yezemidlalo, endaweni noma emzileni noma emagcekeni;

"inkundla yezemidlalo" ichaza isakhiwo esivalekile noma esingavalekile ngokugcwele esinendawo yokuhlala izethameli kanye nebala lokudlala noma indawo yokuhlala izicukuthwane eyakhelwe khona noma yesikhashana noma enye indawo esesakhiweni ebekelwe ukusingatha imicimbi, enendawo yokuhlala noma yokuma izethameli ephephile engamumatha izethameli ezingaba izi-2000 njengoba kugunyazwe umkhandlu wasekhaya;

"uhlelo lwesakhiwo senkundla yezemidlalo" luchaza uhlelo lwesakhiwo senkundla yezemidlalo olushiwo esigatsheni se-9 noma se-10 ngenkundla yezemidlalo entsha ehleliwe noma ukulungiswa kwenkundla yezemidlalo okuphakamisiwe *noma* ukunwetshwa kwenkundla yezemidlalo;

"umnikazi wenkundla yezemidlalo" uchaza umuntu ongumnikazi, ophethe noma ogunyaziwe ukusebenzisa amalungelo omnikazi noma osebenzisa inkundla yezemidlalo eyisebenzisela imicimbi;

"igosa eliqaphe inhlalo yabantu" lichaza umuntu oqokwe ngokwemigomo yesigaba se-4(4)*(b)* futhi okhishelwe eceleni ngokwemigomo yesigaba sama-20 (5) ongeyona ingxenye ye-*Private Security Industry Regulation Act, 2001 (Act 56 of 2001)* ozoqapha ukulawula kanye nokungamela ukuphepha kanye nenhlalo yezethameli, ukuhlinzekela ngemininingwane yomcimbi, kubandakanya imininingwane yokuphepha kanye nokuvikela izethameli, ukuhlinzekela ngokuhlalisa izethameli kanye nangosizo lwezinqubo zokuphuma kwabantu enkundleni yezemidlalo noma endaweni kanye nasemagcekeni uma kunesimo esiphuthumayo;

"lo Mthetho" ubandakanya isimiso somthetho esenziwe ngaphansi kwesigaba sama-45;

"indawo engenaso isiminyaminya" ichaza indawo ekhethwe ikomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini liyikhetha emgwaqweni womphakathi noma kwenye indawo, futhi enophawu olugqamile ngendlela enqunyiwe, njengendawo okungena kuyona izimoto kanye nabantu abagunyaziwe ukungena kuleyo ndawo;

"umdayisi" uchaza umuntu ogunyaziwe ngokubhalwe phansi igatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wendawo ukuba adayise noma anikeze ngempahla egunyaziwe noma ngemisebenzi emagcekeni enkundla yezemidlalo, enkundla yokudlalela noma omzila;

"Inkundla yokudlalela" ichaza Inkundla yokudlalela noma isizinda, ngaphandle kwenkundla yezemidlalo okubanjelwe kuyona umcimbi, enendawo yokuhlala noma yokuma izethameli eziyi-2000, ngokugunyazwa umkhandlu wasekhaya, lapho kwakhiwe khona izakhiwo ngokungcwele noma zesikhashana futhi

"venue design plan" means a venue design plan referred to in section 9 or 10 in respect of a planned new venue or a proposed alteration or extension to a venue;
"venue owner" means a person who owns, manages or is entitled to exercise the rights of an owner or occupier of a venue used for events;
"VOC" means a venue operations centre contemplated in section 17 where the entire safety and security operation in respect of an event at a stadium, venue or along a route is coordinated;
"VOC commander" means the authorised member of the South African Police Service who is in charge of the VOC or police official designated in terms of section 17 to be in charge of the VOC;
"volunteer" means a person appointed and accredited by a controlling body, event organiser or stadium or venue owner in terms of section 4(6) to supervise arrangements or provide any function or service in support of an event but shall specifically exclude the provision of a security service unless such a person is registered as a security officer.

Application of Act

2. (1) In the event of any conflict between this Act and any other legislation, this Act prevails if the conflict specifically relates to a matter dealt with in this Act.

(2) This Act—

(a) applies subject to any guarantee or undertaking given by the Government of the Republic to an event organiser or a controlling body under authority of the Cabinet or under any national legislation in respect of the hosting of a major international event in the Republic; and

(b) does not apply to gatherings as defined in the Regulation of Gatherings Act, 1993 (Act No. 205 of 1993).

Exemptions

3. The Minister of Police may on application in the prescribed manner—

(a) by notice in the *Gazette* exclude from the operation of any or all of the provisions of this Act any area specified in the notice or any area other than an area so specified or any events or any class or category of such events, and may in like manner amend or repeal any such notice; or

(b) by notice in writing addressed to any person, and on such conditions as he or she may deem fit, exempt such person from compliance with any or all of the said provisions, and in like manner amend or withdraw any such notice.

CHAPTER 2

ENSURING RESPONSIBILITY FOR SAFETY AND SECURITY AT EVENTS

Responsibility for safety and security at events

4. (1) A controlling body, an event organiser, or a stadium or venue owner, as the case may be, must put in place such measures as may be prescribed to ensure the physical safety and security of persons and their property at an event.

(2) A person referred to in subsection (1) must cooperate with and assist the event safety and security planning committee and the VOC commander in the performance of their functions under this Act.

zaklanywa ngesakhiwo esivalekile noma esingavalekile ngokuphelele sesikhashana noma esakhiwe esigcwele,

"uhlelo lwesakhiwo senkundla yokudlalela" luchaza uhlelo lwesakhiwo sendawo olushiwo esigatsheni se-9 noma se-10 endaweni entsha ehleliwe noma ukulungiswa kwendawo okuphakamisiwe noma ukunwetshwa kwendawo;

"umnikazi wenkundla yokudlalela" uchaza umuntu ongumnikazi, ophethe noma ogunyaziwe ukusebenzisa amalungelo omnikazi noma osebenzisa wenkundla yokudlalela esetshenziselwa umcimbi;

"i-VOC" ichaza isikhungo esisebenzayo esivezwe esigatsheni se-17 lapho kuhlelwa khona ezokuphepha kanye nokuvikela emcimbini obanjelwe enkundleni yezemidlalo, endaweni noma osemzileni;

"umphathi we-VOC" uchaza ilungu eligunyaziwe loPhiko lwezeMisebenzi yamaPhoyisa eNingizimu Afrika eliqaphe i-VOC noma umsebenzi wophiko lwezemisebenzi yamaphoyisa oqokwe ngokwemigomo yesigaba se-17 ukuba aqaphe i-VOC; futhi

"osebenza engabheke nzuzo" uchaza umuntu oqokiwe futhi wagunyazwa igatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wendawo ngokwemigomo yesigaba se-4(6) ukuba aphathe amalungiselelo noma ahlinzekele ngomsebenzi noma ngosizo ukweseka umcimbi kodwa akubandakanyi ukuhlinzekela ngonogada ngaphandle uma lowo muntu ebhalisiwe njengonogada.

Ukusebenza koMthetho

2. (1) Uma kwenzeka kuba nokushayisana phakathi kwalo Mthetho nomunye umthetho, lo Mthetho iwona ozosebenza, uma lokho kushayisana kuhlobene ngqo nodaba oludingidwe kulo Mthetho.

(2) Lo Mthetho—

(a) usebenza, ngokunqike esiqinisekweni noma kokwenziwayo uHulumeni waseRiphabhuliki kumgqugquzeli womcimbi noma egatsheni elilawulayo ngaphansi kwegunya lesiShayamthetho noma ngaphansi komunye umthetho kazwelonke uma kubanjwe umcimbi omkhulu wamazwe omhlaba eRiphabhuliki; futhi

(b) awusebenzi emibuthanweni echazwe i-*Regulation of Gatherings Act, 1993 (Act No. 205 of 1993).*

Okungabophezelekile

3. ''UNgqongqoshe wezamaPhoyisa esicelweni ngendlela enqunyiwe anga—

(a) ngesimemezelo kuSomqulu ahoxise ukusebenza kweminye imibandela noma kwayo yonke imibandela yalo Mthetho ezindaweni ezithile zesaziso noma kwenye indawo ngaphandle kwaleyo enqunyiwe noma omunye umcimbi noma olunye uhlobo noma isigaba somcimbi, futhi ngendlela efanayo angachibiyela noma achithe leso saziso; noma

(b) bhala isimemezelo asiqondise kunoma ubani, ngaleyo mibandela abona ukuthi ifanelekile, ahoxise ukuba lowo muntu alandele ezinye noma zonke izimiso zomthetho, futhi ngendlela efanayo achibiyele noma achithe leso saziso.

ISAHLUKO 2

UKUQIKELELA ISIBOPHEZELO SOKUPHEPHA KANYE NOKUVIKELA EMICIMBINI

Umsebenzi wokuphepha kanye nokuvikela emicimbini

4. (1) Igatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi, noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wekundla yokudlalela, noma omunye walaba, kumele abeke ngomumo lezi zinhlelo njengoba zinikeziwe ukuqikelela ukuphepha kanye nokuvikela abantu kanye nempahla yabo emcimbini.

(2) Umuntu oshiwo esigatshaneni soku-(1) ufanele abambisane asize ngokuphepha emcimbini futhi asize ikomidi elihlela ezokuvikela kanye nomphathi we-VOC ekwenzeni imisebenzi yabo ngaphansi kwalo Mthetho.

(3) The National Commissioner—

(a) may direct a person referred to in subsection (1) to implement such additional measures as may, in the opinion of the National Commissioner, be necessary to further the objects of this Act;

(b) must establish an event safety and security planning committee for each event contemplated in section 6 and categorised as either a medium-risk or high-risk event or any other event whether or not such event is in compliance with the provisions of this Act;

(c) must appoint a VOC commander as contemplated in section 17;

(d) may prohibit the sale of event tickets at a stadium or venue on the day of an event;

(e) may stipulate conditions to be included in a high-risk event safety certificate as contemplated in section 11(2);

(f) may amend or replace a safety certificate as contemplated in section 13;

(g) may prohibit or restrict the admission of a person or group of persons to a stadium or venue or route by issuing a prohibition notice referred to in section 21; and

(h) may issue a spectator exclusion notice referred to in section 22 with regard to an undesirable spectator.

(4) A person referred to in subsection (1) must appoint—

(a) sufficient persons to be responsible for safety and security at an event, including an event safety officer, security officers or such other persons as may be prescribed;

(b) stewards responsible for—

(i) the marshalling and overseeing of the safe general flow of spectators;

(ii) the provision of event information, including safety and security information to spectators;

(iii) the provision of ushering services; and

(iv) the provision of assistance with emergency evacuation procedures to persons within a stadium or venue and its precincts.

(5) The persons appointed under subsection (4) must—

(a) be present at an event; and

(b) take such steps as may be reasonably necessary for the safeguarding of an event as well as for the protection of the people and the property at an event.

(6) A person referred to in subsection (1) may appoint volunteers to supervise arrangements or provide any function or service in support of an event.

(7) A person appointed under subsection (4)*(b)* or (6) may not provide security services unless such a person is registered as a security officer.

(8) An event organiser, where such person is a natural person, must—

(a) in respect of a medium-risk or high-risk event—

(i) be at least 21 years of age; and

(ii) have the necessary capacity, resources and event-related experience to organise the event, and

(b) in respect of a low-risk event be at least 21 years of age.

(9) An event organiser must, for every event categorised as low-risk, ensure that—

(a) a safety officer is appointed for that event;

(b) a written safety plan is prepared detailing event—

(i) safety measures;

(ii) security measures;

(iii) crowd management measures;

(iv) motor vehicle parking arrangements;

(v) emergency medical measures, including participant medical measures as contemplated in the National Health Act;

(c) measures contemplated in paragraph *(a)* and in the safety plan contemplated in paragraph *(b)* are put in place; and

(d) ensure that the local police station is informed, prior to the event, of the event details.

(3) UKhomishana kaZwelonke—

(a) angayalela umuntu oshiwo esigatshaneni soku-(1) ukuba asebenzise lezi zinhlelo zokwengeza ngendlela uKhomishana kaZwelonke abona kufanele ukwengeza izinjongo zalo Mthetho;

(b) kumele asungule ikomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini ngamunye ovezwe esigatsheni sesi-6 njengomcimbi ongenabo ubungozi noma onobungozi kakhulu noma omunye umcimbi noma ngabe lowo mcimbi uyayilandela imibandela yoMthetho noma awuyilandeli;

(c) kumele aqoke umphathi we-VOC njengoba kuveziwe esigatsheni se-17;

(d) angavimbela ukudayiswa kwamathikithi omcimbi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ngosuku lomcimbi;

(e) angagcizelela imibandela okumele ibandakanywe esitifiketini sokuphepha komcimbi onobungozi njengoba kuveziwe esigatsheni se-11(2);

(f) angachibiyela noma akhiphe esinye isitifiketi esikhundleni sesinye njengoba kuveziwe esigatsheni se-13;

(g) anganqabela noma avimbe ukungena komuntu noma kweqembu labantu enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni ngokukhipha umyalelo ovimbayo oshiwo esigatsheni sama-21; futhi

(h) angakhipha isaziso esinqabela isethameli ukuba singangeni enkundleni ngokusho kwesigaba sama-22 mayelana nesethameli esingamukelekile.

(4) Umuntu oshiwo esigatshaneni soku-(1) kumele aqoke—

(a) abantu abanele abazoqapha ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini, kubandakanya osebenzela ezokuphepha emcimbini, onogada noma abanye abantu abanganqunywa;

(b) igosa eliqaphe inhlalo yabantu elibhekele—

(i) ukuqapha kanye nokusingatha ukuphepha kwezethameli;

(ii) ukunikezela ngemininingwane yomcimbi, kubandakanya imininingwane yezokuphepha kanye nokuvikela izethameli;

(iii) ukuhlinzekela ngabasiza abantu ukubakhombisa izindawo zokuhlala; kanye

(iv) nokuhlinzekela ngosizo lwezindawo zokuphuma abantu abasenkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kanye nasemagcekeni uma kunesimo esiphuthumayo.

(5) Abantu abaqokwe ngaphansi kwesigatshana sesi-4) kumele—

(a) babe khona emcimbini; futhi

(b) bathathe izinyathelo ezifanele ukuqapha umcimbi kanye nokuvikela abantu kanye nempahla emcimbini.

(6) Umuntu oshiwo esigatshaneni soku-(1) angaqoka abantu abasebenza bengabheke nzuzo ukuba baqaphe izinhlelo noma banikezele ngosizo ukweseka umcimbi.

(7) Umuntu oqokwe ngaphansi kwesigatshana sesi-(4)*(b)* noma sesi-(6) akumele asebenze njengonogada ngaphandle uma lowo muntu ebhalisiwe njengonogada.

(8) Umgqugquzeli womcimbi, uma engumuntu ojwayelekile, kumele—

(a) emcimbini ongenabo ubungozi noma emcimbini onobungozi kakhulu—

(i) abe neminyaka esuka eminyakeni engama-21; futhi

(ii) abe nolwazi olufanele, izinsiza kusebenza kanye nolwazi oluhlobene nokuhlela imicimbi.

(b) emcimbini onobungozi kancane kube umuntu oneminyaka esuka kwengama-21 yobudala.

(9) Umgqugquzeli womcimbi, emcimbini yonke ethathwa njengemicimbi enobungozi kancane, kufanele aqikelele ukuthi—

(a) kuqokwe osebenzela uphiko lwezokuphepha kulowo mcimbi;

(b) uhlelo lokuphepha olubhaliwe lomcimbi luyalungiswa mayelana—

(i) nezinyathelo zokuphepha;

(ii) izinyathelo zokuvikela;

(iii) izinyathelo zokusingatha izinkumbi zabantu;

(iv) amalungiselelo okupaka izimoto;

(v) izinyathelo zosizo oluphuthumayo, kubandakanya nezinyathelo zabezokulapha ababambe iqhaza njengoba kuvezwe *i-National Health Act;*

(c) izinyathelo ezivezwe endimeni *(a)* kanye nohlelo lokuphepha oluvezwe endimeni *(b)* zimi ngomumo; futhi

(d) kuqikelelwe ukuthi isikhungo samaphoyisa endawo siyaziswa, ngaphambi komcimbi, okunikezwe ngawo imininingwane.

(10) The safety plan referred to in subsection (9) must include the—

(a) event risk assessment;
(b) event details including duration;
(c) stadium, venue or route design, safe capacity and compliance with other relevant safety certification;
(d) spectator profile and expected spectator attendance;
(e) control of event service providers;
(f) availability of ablution facilities, refuse removal, water and lighting at the event;
(g) control of liquor;
(h) proactive and reactive fire measures;
(i) emergency medical measures;
(j) access and egress control;
(k) safety information announcements; and
(l) emergency evacuation procedures detailing action to be taken by designated persons in the event of a major incident.

Prohibition

5. (1) No person may organise an event unless that person complies with the requirements of section 6(1) or 6(3) and section 25.

(2) No person may for a commercial purpose—

(a) obtain an event ticket with the intention to resell or use such ticket or any right pertaining to such ticket, whether for a profit or not;
(b) directly or indirectly sell, dispose of or promote event tickets or any right pertaining to such tickets;
(c) use a ticket for advertising, sales or promotional purposes, or as part of a hospitality or travel package, or make it available or advertise it for any such purpose;
(d) use a ticket transferred or acquired in contravention of subsection *(a)*, *(b)* or *(c)*; or
(e) directly or indirectly sell or dispose of complimentary tickets,

without the prior written authorisation of an event organiser, or a stadium or venue owner, as the case may be.

Risk categorisation of events

6. (1) An event organiser must, at least six months before the start of—

(a) a calendar year for a specific sport, recreational, religious, cultural, organisational or similar activity, or
(b) a season, in the case of a seasonal sport, recreational, religious, cultural, organisational or similar activity,

submit an annual schedule of events to the National Commissioner.

(2) The schedule of events, referred to in subsection (1) or (3), must contain—

(a) the prescribed information; and
(b) sufficient particulars of the planned events,

to enable the National Commissioner to make a categorisation of the safety and security risk associated with each event contained in the schedule.

(3) Where an event—

(a) cannot, by virtue of its unforeseen nature, be planned to fall within the schedule of events referred to in subsection (1); and
(b) is scheduled to take place within the six months contemplated in that subsection or during the calendar year or season,

the event organiser must upon initiating plans for the event forthwith submit the schedule for that event to enable the National Commissioner to make a risk categorisation.

(10) Uhlelo lokuphepha olushiwo esigatshaneni se-(9) kumele luhlanganise—

(a) ukuhlola ubungozi bomcimbi;

(b) imininingwane yomcimbi kubandakanya isikhathi esizowuthatha;

(c) isakhiwo senkundla yezemidlalo, senkundla yokudlalela noma somzila, ukuphepha kanye nokunye okuqondene okufakazela ukuphepha;

(d) imininingwane yezethameli kanye nezithameli okulindeleke ukuba zithamele;

(e) ukulawulwa kwabahlinzekela ngosizo emcimbini;

(f) ukutholakala kwezinto zokugeza, ukulahlwa kukadoti, amanzi kanye nokukhanyisa emcimbini;

(g) ukulawula uphuzo oludakayo;

(h) izinyathelo ezisebenziseka kalula nezokubhekana nomlilo;

(i) izinyathelo zosizo oluphuthumayo;

(j) ukulawula intuba yokungena kanye neyokuphuma;

(k) izimemezelo zemininingwane yokuphepha;

(l) izinqubo zokuphuma ngesimo esiphuthumayo eziqukethe isinyathelo esizothathwa abantu abaqokiwe uma kwenzeka inhlekelele yengozi.

Ukunqabela

5. (1) Akekho umuntu okumele ahlele umcimbi ngaphandle uma lowo muntu elandela izimfuno zesigaba sesi-6(1) noma sesi-6(3) kanye nesigaba sama-25.

(2) Akekho umuntu onenjongo yokudayisa onga—

(a) thola ithikithi lomcimbi ngenhloso yokuphinda alidayise noma alisebenzise noma ongathola ilungelo mayelana nalelo thikithi, ukuba athole inzuzo noma okunye;

(b) dayisa amathikithi noma asebenzise enye indlela, ukuveza noma ukukhangisa ngamathikithi omcimbi noma ilungelo elihambisana nalawo mathikithi;

(c) sebenzisa ithikithi ngenjongo yokukhangisa, ukudayisa noma ukugqugquzela, noma njengengxenye yokuphathwa kwezivakashi noma inzuzo ehambisana nohambo, awenze atholakale noma akhangiselwe enye injongo;

(d) sebenzisa ithikithi elidluliselwe kuyena noma alithole ngokwaphula izigaba *(a)*, *(b)* kanye no- *(c)*; noma

(e) dayisa ithikithi noma anikezele ngamathikithi amahhala; ngaphandle kokuthola igunya elibhalwe phansi kumgqugquzeli womcimbi, kumnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela, noma omunye wabo.

Ukuhlukaniswa kwemicimbi ngamazinga obungozi bayo

6. (1) Umgqugquzeli womcimbi kumele, kusasele izinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kuqale—

(a) unyaka walowo mcimbi wezemidlalo, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko inhlangano noma okunye okufanayo nalokhu; noma

(b) isikhathi sonyaka, emidlalweni edlalwa ngezikhathi zonyaka ezithile, ukungcebeleka, ezenkolo, amasiko, izinhlangano noma okunye okufana nalokhu, ahambise uhlelo lonyaka lwemicimbi

aluhambise kuKhomishana kaZwelonke.

(2) Uhlelo lwemicimbi, olushiwo esigatshaneni soku-(1) noma sesi-(3), kumele luhlanganise—

(a) imininingwane enqunyiwe; kanye

(b) nolwazi olugcwele lwemicimbi ehleliwe,

ukusiza uKhomishana kaZwelonke ukuhlukanisa imicimbi ngamazinga okuphepha kanye nokuvikela ubungozi bayo ayihlukanise ngamunye ohlelweni.

(3) Uma umcimbi—

(a) ngesizathu ebesingalindelekile, ungeke uhlelelwe isheduli yemicimbi eshiwo esigatshaneni soku-(1); futhi

(b) kulindeleke ukuba wenzeke zingakapheli izinyanga eziyisithupha ngokusho kwaleso sigaba noma ngokusho kwekhalenda lonyaka noma ngesikhathi sonyaka,

umgqugquzeli womcimbi kumele aqale izinhlelo zalowo mcimbi ngokushesha ahambise uhlelo lwalowo mcimbi ukusiza uKhomishana kaZwelonke ukuwuhlukanisa ngobungozi bawo.

(4) The National Commissioner may require the event organiser to provide additional information or particulars necessary to make a decision regarding the risk categorisation of an event.

(5) The National Commissioner must, subject to subsection (6), consider the schedule referred to in subsection (1) or (3) and, if the schedule complies with all of the requirements of this section, make a risk categorisation of each event contained in the schedule.

(6) *(a)* The National Commissioner may refuse to make a risk categorisation if the schedule, and where applicable, the additional information submitted, do not meet the requirements of subsection (2).

(b) In the case of a refusal, the National Commissioner must give the event organiser notification and reasons in writing for the refusal.

(7) In making a risk categorisation for an event the National Commissioner must take the following factors into account—

(a) the popularity or reputation of any team or person participating in an event;

(b) the expected attendance at an event and, where available, a historic record of attendance at similar events;

(c) the location where the event is to be held;

(d) the suitability of a stadium, venue or route, having regard to its physical structure, spectator facilities, precinct layout, or any other factors that impact on its suitability for hosting an event;

(e) the level of physical, human resource and electronic safety and security infrastructure, as well as the state of readiness of such infrastructure for an event;

(f) the historic record of safety, security and medical incidents at similar events, where available;

(g) any relevant crime statistics and trends;

(h) any threat analysis information regarding an event, where available;

(i) the certified safe capacity of a stadium, venue or route and respective precincts;

(j) the age profile of attendees at an event, where available;

(k) any information regarding the consumption and sale of liquor to spectators at an event and the safety and security impact thereof on previous similar events;

(l) the day of the week on which an event is scheduled to be hosted including factors impacting thereon;

(m) the commencement time and estimated duration of an event including the expected arrival or departure of participants and spectators;

(n) the relevance of the outcome of a competitive event;

(o) the level of intensity of the rivalry between competing sports teams or sports persons participating in an event and any tensions which may exist between the supporters of those sports teams or sports persons;

(p) the positions of the teams on the league or the rankings of the persons participating in an event;

(q) any international, national, local, social, economic, political or security related factors which might have an impact on an event from a safety and security perspective;

(r) the availability of police officials, emergency and essential services to assist at an event,

(s) the weather or other natural conditions which are anticipated to prevail before or on the day of an event;

(t) the nature of pre-event spectator entertainment and marketing promotions of any person contemplated in section 4(1); and

(u) any other factor that the National Commissioner considers appropriate.

(8) In making the risk categorisation of each event, the National Commissioner may, if necessary—

(a) consult any person; and

(b) take into account any other information.

(4) UKhomishana kaZwelonke angadinga ukuba umgqugquzeli womcimbi anikeze ngeminye imininingwane noma ulwazi olufanele ukuze enze isinqumo esimayelana nokuhlukaniswa komcimbi ngobungozi bawo.

(5) UKhomishana kaZwelonke kumele, ngokulandela isigatshana sesi-(6), abheke uhlelo olushiwo esigatshaneni soku-(1) noma sesi-(3) futhi, uma uhlelo luhambisana nazo zonke izimfuno zalesi sigaba, ahlukanise umcimbi ngokubheka ubungozi balowo mdlalo osohleni.

(6) *(a)* UKhomishana kaZwelonke anganqaba ukuhlukanisa uhlelo ngobungozi balo, uma kunesidingo, futhi uma imininingwane enikeziwe, ingahambisani nezimfuno zesigatshana sesi-(2).

(b) Uma uKhomishana kaZwelonke enqaba kumele anikeze umgqugquzeli womcimbi isaziso kanye nezizathu ezibhalwe phansi zokunqaba kwakhe.

(7) Uma uKhomishana kaZwelonke ehlukanisa umcimbi ngobungozi bawo kumele abheke lokhu okulandelayo—

(a) ukuthandwa noma idumela leqembu noma lomuntu obambe iqhaza kulowo mcimbi;

(b) abantu abalindeleke ukuba bathamele lowo mcimbi futhi, uma kuno-kwenzeka, abheke umlando wokuthamelwa kwemicimbi efana nalowo;

(c) indawo okuzobanjelwa kuyona umcimbi;

(d) inkundla yezemidlalo efanele, inkundla yokudlalela noma umzila, kubhekwe indlela okumi ngayo, izinsiza zezethameli, indlela okumi ngayo amagceke, noma okunye okunomthelela wokusingatha umcimbi ngendlela efanele;

(e) izinga lesimo sendawo, izinsiza zabantu kanye nokuphepha kwezinto ezisebenza ngamandla kagesi kanye nengqalasizinda yezokuvikela, kanye nesimo esifanele sengqalasizinda yalowo mcimbi;

(f) umlando ngemininingwane yokuphepha, ukuvikela kanye nezimo lapho kudingeka khona usizo lwezokwelapha emicimbini efana nalowo, uma kukhona;

(g) izibalo ezisemqoka zobugebengu kanye nendlela yobugebengu obu-jwayelekile;

(h) imininingwane ehlaziyiwe ebeka sengcupheni umcimbi, uma ikhona;

(i) okugunyaza ukuphepha kwenkundla yezemidlalo, indawo noma umzila kanye namagceke.

(j) imininingwane ngeminyaka yezethameli kulowo mcimbi, uma ikhona;

(k) imininingwane ephathelene nokuphuza kanye nokudayisa uphuzo oludakayo oludayiselwa izethameli zomcimbi futhi nomthelela wokuphepha kanye nokuvikela emcimbini ofanayo waphambilini;

(l) usuku lwalelo sonto umcimbi ohlelelwe ukusingathwa ngalo kubandakanya nezinto ezingaba nomthelela ngaleso sikhathi;

(m) isikhathi umcimbi ozoqala ngaso nesilinganiso sesikhathi ozosithatha kubandakanya ukulindela ukufika noma kokuhamba kwababambe iqhaza kanye nezethameli;

(n) umcimbi osemqoka ozoqhudelana nalowo mcimbi;

(o) izinga lokushuba kombango phakathi kwamaqembu ezemidlalo aqhu-delanayo noma kwabezemidlalo ababambe iqhaza emcimbini kanye nengcindezi ephakathi kwabalandeli balawo maqembu ezemidlalo noma abantu bezemidlalo;

(p) indlela amaqembu ami ngayo kwiligi noma amazinga abahlukaniswe ngawo abantu ababambe iqhaza emcimbini;

(q) izinto ezithinta umhlaba wonke, izwe, indawo, umphakathi, umnotho, ipolitiki noma ukuvikela ezingase zibe nomthelela emcimbini ohlangothini lwezokuphepha nokuvikela;

(r) ukutholakala kwabophiko lwezemisebenzi yamaphoyisa, abesimo esi-phuthumayo kanye nemisebenzi esemqoka yokusiza emcimbini;

(s) isimo sezulu noma ezinye izimo zemvelo okulindeleke ukuba zingase zenzeke ngaphambi noma ngosuku lomcimbi;

(t) okokujabulisa izethameli ngaphambi komcimbi kanye nezikhangiso zomuntu oshiwo esigatsheni sesi-4(1); kanye

(u) nokunye uKhomishana kaZwelonke abona kufanele.

(8) Ekuhlukaniseni umcimbi ngamunye ngobungozi bawo, uKhomishana kaZwelonke, uma kunesidingo anga—

(a) xoxisana nanoma ubani; futhi

(b) abheke eminye imininingwane.

(9) The National Commissioner must categorise each event reflected in the annual schedule of events as being either low-risk, medium-risk or high-risk.

(10) Upon making the risk categorisation contemplated in this section, the National Commissioner must give written notification—

(a) to a local authority of the events which are scheduled to be hosted within its jurisdiction and the risk categorisation of such events; and

(b) to the event organiser concerned of the risk categorisation of the events reflected in the schedule of events submitted by such event organiser.

(11) An event organiser dissatisfied with a risk categorisation may provide additional written information to the National Commissioner and request him or her to reconsider such risk categorisation.

(12) After considering the information contemplated in subsection (11), the National Commissioner must where he or she has refused to amend the risk categorisation furnish such event organiser with written reasons for his or her decision.

Safety certificates

7. (1) A local authority may issue a safety certificate in respect of—

(a) an existing stadium or venue as contemplated in section 8;

(b) the design of a new stadium or venue, as contemplated in section 9; and

(c) alterations of or extensions to a stadium or venue, as contemplated in section 10.

(2) A local authority may issue a grading certificate as contemplated in section 8(4).

(3) The National Commissioner may issue a high-risk event safety certificate as contemplated in section 11.

(4) A local authority must, before deciding whether to issue a safety certificate in terms of subsection (1) or (2) in respect of a stadium or venue that is owned by the local authority, consider a written recommendation of an independent registered person.

Existing stadium or venue safety certificate

8. (1) *(a)* A stadium or venue owner, as the case may be, must annually and at least 30 days before the expiry of an existing safety certificate in respect of a stadium or venue apply in the prescribed manner to a local authority for a safety certificate in respect of that stadium or venue.

(b) The application for safety certification of an existing stadium or venue must be made within 90 days after the commencement of this Act.

(2) The Minister, in consultation with the Minister of Science and Technology, may prescribe criteria and other requirements to ensure safety of the infrastructure and accommodation at a stadium or venue which must include provision of adequate safe access and sufficient facilities for persons with disabilities.

(3) If at the commencement of this Act the criteria and requirements prescribed under subsection (2) are not in place at an existing stadium or venue, they must be complied with within—

(a) two years, if high-risk events are hosted at that stadium or venue;

(b) three years, if medium-risk events are hosted at that stadium or venue; or

(9) UKhomishana kaZwelonke kumele ahlukanise umcimbi ngamunye ovezwe kusheduli yonyaka yemicimbi awuhlukanise njengomcimbi onobungozi kancane, ongenabo ubungozi noma onobungozi kakhulu.

(10) Uma ehlukanisa umcimbi ngobungozi bawo njengoba kuvezwe kulesi sigaba, uKhomishana kaZwelonke kumele anikezele ngesaziso esibhalwe phansi—

(a) kumkhandlu wasekhaya ngemicimbi okulindeleke ukuba isingathwe ngaphansi kwegunya lawo kanye nokuhlukanisa ngobungozi baleyo micimbi; futhi

(b) kumgqugquzeli womcimbi oqondene ngokuhlukanisa imicimbi ngobungozi bayo okuvezwe kusheduli yemicimbi enikezwe ilowo mgqugquzeli womcimbi.

(11) Umgqugquzeli womcimbi onganelisekile ngokuhlukaniswa komcimbi ngobungozi bawo anganikeza ngeminye imininingwane ebhalwe phansi yokwengeza ayinikeze uKhomishana kaZwelonke futhi amcele ukuba aphinde abheke indlela okuhlukaniswe ngayo umcimbi ngobungozi bawo.

(12) Ngemuva kokubheka imininingwane evezwe esigatshaneni se-(11), uKhomishana kaZwelonke uma enqaba ukuchibiyela ukuhlukaniswa kwalowo mcimbi kumele anikeze umhleli walowo mcimbi izizathu ezibhalwe phansi ngesinqumo sakhe.

Isitifiketi sokuphepha

7. (1) Umkhandlu wasekhaya ungakhipha isitifiketi sokuphepha—

(a) kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela njengoba kuveziwe esigatsheni sesi-8;

(b) kwesakhiwo senkundla yezemidlalo entsha noma senkundla yokudlalela, njengoba kuveziwe esigatsheni sesi-9; kanye

(c) nokulungiswa noma ukunwetshwa kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela, njengoba kuveziwe esigatsheni se-10.

(2) Umkhandlu wasekhaya ungakhipha isitifiketi sezinga njengoba kuveziwe esigatsheni sesi-8(4).

(3) UKhomishana kaZwelonke angakhipha isitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi njengoba kuveziwe esigatsheni se-11.

(4) Umkhandlu wasekhaya kumele, ngaphambi kokuba unqume ukukhipha isitifiketi sokuphepha ngokwemigomo yesigatshana soku-(1) noma sesi-(2) emayelana nenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela ephethwe umkhandlu wasekhaya, ubheke izincomo ezibhaliwe ezenziwe umuntu ozimele obhalisiwe.

Isitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo esebenzayo noma kwenkundla yokudlalela

8. (1) *(a)* Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela, noma omunye wabo, kumele minyaka yonke futhi zingakapheli izinsuku ezingama-30 ngaphambi kokuba isitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela siphelelwe isikhathi afake isicelo sesitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela kumkhandlu wasekhaya ngendlela enqunyiwe.

(b) Isicelo sesitifiketi sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela kufanele kwenziwe zingakapheli izinsuku ezingama-90 ngemuva kokuqala ukusebenza kwalo Mthetho.

(2) UNgqongqoshe ngokuxoxisana noNgqongqoshe wezeSayensi kanye nobuChwepheshe banganquma inqubo kanye nezinye izimfuno zokuqikelela ukuphepha kwengqalasizinda kanye nendawo enkundleni yezemidlalo noma endaweni okumele ibandakanye umbandela wokufinyelela ngendlela efanele kanye nezinsiza ezanele zabantu abakhubazekile.

(3) Uma ngesikhathi uqala ukusebenza lo Mthetho inqubo kanye nezimfuno ezinqunywe ngaphansi kwesigatshana sesi-(2) zingekho esimweni esifanele enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela, kumele bazilandele ingakapheli—

(a) iminyaka emibili, uma imicimbi enobungozi kakhulu isingethwe kuleyo nkundla yezemidlalo noma kuleyo nkundla yokudlalela;

(b) iminyaka emithathu, uma imicimbi engenabo ubungozi isingethwe kuleyo nkundla yezemidlalo noma kuleyo nkundla yokudlalela; noma

(c) five years if, low-risk events are hosted at that stadium or venue,
after the commencement of this Act.

(4) *(a)* The certificate contemplated in subsection (1) must be accompanied by a grading certificate issued by a local authority.

(b) The grading certificate must state the determined safe spectator capacity of the stadium or venue and the level of risk of the event that may be hosted at a stadium or venue.

(c) A local authority may issue a high-risk event grading certificate only after consultation with the relevant authorised member.

New stadium or venue design safety certificate

9. (1) A stadium or venue owner, as the case may be, must at least three months before the projected commencement date of construction of a new stadium or venue apply in the prescribed manner to a local authority for a certificate in respect of the safety of the design of the new stadium or venue.

(2) A stadium or venue owner involved in planning and designing a new stadium or venue, must comply with—

(a) prescribed safety and security requirements and any conditions stated in the certificate contemplated in subsection (1);

(b) applicable building legislation and local authority by-laws and guidelines;

(c) applicable building design guidelines of the South African Bureau of Standards;

(d) applicable stadium or venue infrastructure requirements stipulated in writing by a recognised international controlling body;

(e) applicable stadium or venue infrastructure requirements stipulated in writing by a controlling body, event organiser or stadium or venue owner;

(f) applicable requirements relating to medical facilities; and

(g) any other prescribed criteria relating to safety and security regarding the suitability of a planned stadium or venue to hold events.

Certificate in respect of alteration of or extension to stadium or venue

10. (1) Where a safety certificate has been issued in terms of section 8 or 9, and a stadium or venue owner wishes to alter or extend as prescribed—

(a) an existing stadium or venue;

(b) the design of a planned stadium or venue; or

(c) a stadium or venue under construction,

the stadium or venue owner must, before the commencement of the proposed alteration or extension, apply in the prescribed manner to a local authority within whose jurisdiction the stadium or venue is situated for written approval of the proposed alteration or extension.

(2) In deciding on the application contemplated in subsection (1) the local authority must take into account—

(a) the certified safe capacity of a stadium or venue;

(b) the spectator grandstand or multi-tiered seating design of a stadium or venue;

(c) the spectator turnstiles of a stadium;

(c) iminyaka emihlanu, uma imicimbi onobungozi kancane isingethwe kuleyo nkundla yezemidlalo noma kuleyo nkundla yokudlalela,

ngemuva kokuqala ukusebenza kwalo Mthetho.

(4) *(a)* Isitifiketi esishiwo esigatshaneni soku-(1) kumele sihambisane nesitifiketi sezinga esikhishwe umkhandlu wasekhaya.

(b) Isitifiketi sezinga kumele siveze izinga lokuvikela izethameli enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela kanye nezinga lengcuphe yomcimbi ozosingathwa enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(c) Umkhandlu wasekhaya ungakhipha kuphela isitifiketi sezinga lomcimbi onobungozi kakhulu ngemuva kokuxoxisana nelungu eliqondene eligunyaziwe.

Isitifiketi sesakhiwo senkundla yezemidlalo entsha noma senkundla yokudlalela

9. (1) Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma umnikazi wenkundla yokudlalela, noma omunye wabo, zingakapheli izinyanga ezintathu ngaphambi kokuqala kosuku okulindeleke ukuba kuqale ukwakhiwa kwenkundla yezemidlalo entsha noma kwenkundla yokudlalela kumele afake isicelo emkhandlwini wasekhaya ngendlela enqunyiwe sesitifiketi sokuphepha kwesakhiwo senkundla yezemidlalo entsha noma kwenkundla yokudlalela.

(2) Umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela obanda-kanyekayo ekuhlelweni kanye nasekwakhiweni kwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma kwendawo, kumele alandele—

(a) izimfuno ezinqunyiwe zokuphepha kanye nokuvikela kanye nezimo ezibalulwe esitifiketini esivezwe esigatshaneni soku-(1);

(b) imithetho yesakhiwo esebenzayo kanye nemithetho yendawo kamasipala wasekhaya kanye nomhlahlandlela;

(c) imihlahlandlela yokwakhiwa kwesakhiwo efanele yamaZinga alandelwayo eNingizimu Afrika;

(d) izimfuno zengqalasizinda ezisebenzayo zenkundla yezemidlalo noma zenkundla yokudlalela ezinqunyiwe zabhalwa phansi igatsha elifanele elilawulayo emhlabeni jikelele;

(e) izimfuno zengqalasizinda ezisebenzayo zenkundla yezemidlalo noma zenkundla yokudlalela ezinqunyiwe zabhalwa phansi igatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma zenkundla yokudlalela;

(f) izimfuno ezisebenzayo ezihlobene nezinsiza zokwelapha; kanye

(g) nenye inqubo ehlobene nokuphepha kanye nokuvikela emayelana nendlela efanele yenkundla yezemidlalo ehleliwe noma yenkundla yokudlalela ezosingatha imicimbi.

Isitifiketi sokulungiswa noma sokunwetshwa kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela

10. (1) Uma sekukhishwe isitifiketi sokuphepha ngokwemigomo yesigaba sesi-8 noma sesi-9, futhi umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela efisa ukulungisa noma ukunweba ngendlela enqunyiwe—

(a) inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela;

(b) uhlelo lwesakhiwo senkundla yezemidlalo noma lwenkundla yokudlalela; noma

(c) inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela eyakhiwayo,

umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela kumele, ngaphambi kokuba kuqale ukulungiswa noma ukunwetshwa okuphakamisiwe, afake isicelo ngendlela enqunyiwe emkhandlwini wasekhaya ngenkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela engaphansi kwegunya lawo ukuba ubhale phansi iziphakamiso ezigunyaziwe zokulungisa noma zokunweba.

(2) Uma kunqunywa ngesicelo esifakiwe njengoba kuveziwe esigatshaneni soku-(1) umkhandlu wasekhaya kumele ubheke—

(a) isiqiniseko sokuphepha kwenkundla yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela;

(b) isakhiwo sendawo yokuhlala izethameli noma indawo yokuhlala ehlukaniswe ngamazinga yenkundla yezemidlalo noma yenkundla yokudlalela;

(c) amasango okungena izethameli aphendukayo enkundleni yezemidlalo;

(d) the emergency exits, access routes or gates inside a stadium or venue or within its precincts;
(e) the physical spectator barricading inside a stadium and within its precinct;
(f) the traffic management design and impact plan;
(g) whether the proposed alteration or extension is likely to affect the safety and security of persons at the stadium or venue; or
(h) the duration of the proposed building operations in order to give effect to the proposed alteration or extension.

(3) Where a holder of a safety certificate contemplated in section 8 intends to alter or extend a stadium or venue by erecting a temporary structure, he or she must apply in the prescribed manner for written approval contemplated in subsection (1).

High-risk event safety certificate

11. (1) Where an event has been categorised as a high-risk event in terms of section 6, the event organiser must at least 60 days before the event apply in the prescribed manner to the National Commissioner for a high-risk event safety certificate.

(2) The National Commissioner may issue a high-risk event safety certificate, which may be subject to prescribed conditions.

Contents of safety certificates

12. (1) A safety certificate may contain such conditions as—
(a) the local authority, in the case of a safety certificate contemplated in section 8, 9 or 10; or
(b) the National Commissioner, in the case of a high-risk event safety certificate contemplated in section 11,
considers necessary to ensure safety and security at a stadium or venue when it is used to host the event.

(2) A safety certificate must—
(a) reflect the terms and conditions upon which the decision to issue it is based; and
(b) comply with the terms and conditions as may be prescribed.

Amendments to safety certificates

13. (1) *(a)* A local authority may amend or replace a safety certificate contemplated in section 8, 9 or 10 in the prescribed manner.

(b) The National Commissioner may amend the conditions of a high-risk event safety certificate contemplated in section 11, in the prescribed manner.

(2) A safety certificate referred to in subsection (1) may be amended or replaced on written application of the holder of the certificate, a controlling body, event organiser or stadium or venue owner, as the case may be.

(3) The Minister may prescribe the procedure for amendment or replacement of a safety certificate after consultation with the National Commissioner.

Inspectors and powers of entry and inspection

14. (1) A person appointed in writing as an inspector by a local authority may enter a stadium, venue or other business premises of a controlling body, the event organiser or a stadium or venue owner at any reasonable time during the day to conduct an inspection and make such inquiries as may be necessary to ensure compliance with this Act.

(d) izintuba zokuphuma uma kunesimo esiphuthumayo, imizila yokungena noma amasango aphakathi enkundleni yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela noma emagcekeni;

(e) okuvimbela izethameli ukuba zingangeni ngaphakathi enkundleni yezemidlalo kanye nasemagcekeni ayo;

(f) uhlelo lokulawula isiminyaminya kanye nohlelo oluzosebenza;

(g) uma ukulungisa kanye nokunweba okuphakamisiwe kunomthelela ekuphepheni kanye nasekuvikeleni abantu abasenkundleni yezemidlalo noma kwenkundla yokudlalela; noma

(h) ubude besikhathi sokusebenza esakhiweni okuphakamisiwe ngesikhathi kulungiswa futhi kunwetshwa isakhiwo.

(3) Uma uminikazi wesitifiketi sokuphepha ovezwe esigatsheni sesi-8 efisa ukulungisa noma ukunweba inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela ngokwakha isakhiwo sesikhashana, kumele afake isicelo ngendlela enqunyiwe ukuze kubhalwe phansi okugunyazwayo ngokusho kwesigatshana soku-(1).

Isitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu

11. (1) Uma umcimbi ochazwe njengomcimbi onobungozi kakhulu ngokwemigomo yesigaba sesi-6, zingakapheli izinsuku ezingama-60 ngaphambi kokuba kuqale umcimbi umgqugquzeli womcimbi kumele afake isicelo sesitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu ngendlela enqunyiwe asifake kuKhomishana kaZwelonke.

(2) UKhomishana kaZwelonke angakhipha isitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu, ngokulandela imibandela enqunyiwe.

Okuqukethwe isitifiketi sokuphepha

12. (1) Isitifiketi sokuphepha singabandakanya imibandela efana nale—

(a) umkhandlu wasekhaya, uma kuyisitifiketi sokuphepha esivezwe esigatsheni sesi-8, 9 noma se-10; noma

(b) uKhomishana kaZwelonke, uma kuyisitifiketi sokuphepha komdlalo onobungozi kakhulu esivezwe esigatsheni se-11,

ebona kufanele ukuqikelela ukuphepha kanye nokuvikela enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela ngesikhathi isetshenziswa ukusingatha umcimbi.

(2) Isitifiketi sokuphepha kumele—

(a) sikhombise imigomo kanye nemibandela isinqumo esikhishiwe esisuselwa kuyona ; futhi

(b) silandele imigomo kanye nemibandela enqunyiwe.

Izichibiyelo zesitifiketi sokuphepha

13. (1) *(a)* Umkhandlu wasekhaya ungachibiyela noma ushintshe isitifiketi sokuphepha esivezwe esigatsheni sesi-8, 9 noma se-10 ngendlela enqunyiwe.

(b) UKhomishana kaZwelonke angachibiyela imibandela yesitifiketi sokuphepha komcimbi onobungozi kakhulu esivezwe esigatsheni se-11, ngendlela enqunyiwe.

(2) Isitifiketi sokuphepha esishiwo esigatshaneni soku-(1) singachibiyelwa noma sishintshwe ngencwadi ebhaliwe umnikazi waso, igatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela, noma omunye wabo.

(3) UNgqongqoshe anganquma inqubo yokuchibiyela noma yokushintsha isitifiketi ngemuva kokuxoxisana noKhomishana kaZwelonke.

Abahloli kanye negunya lokungena ezakhiweni bahlole

14. (1) Umuntu oqokwe ngencwadi ebhaliwe njengomhloli eqokwa umkhandlu wasekhaya angangena enkundleni yezemidlalo, enkundleni yokudlalela noma kwezinye izakhiwo zokusebenza ezingaphansi kwegatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela noma ngabe esiphi isikhathi ukuze ahlole futhi afake imibuzo efanele ukuqikelela ukuthi uyalandelwa lo Mthetho.

(2) An inspector may be accompanied during an inspection by a police official and any other person reasonably required to assist in conducting the inspection.

(3) The inspector or police official may—

(a) require a person who appears to be in charge of the stadium, venue or premises to produce a safety certificate, record, book or other document, including documentation in electronic format relating to compliance with this Act;

(b) examine any document referred to in paragraph *(a)* and where necessary make a copy of any such document; and

(c) direct any person who appears to be in control of such premises to take steps within a reasonable period to ensure compliance with the Act.

(4) When appointing an inspector under subsection (1), a local authority must ensure that—

(a) a person appointed has sufficient qualifications and experience in the field of safety and security;

(b) at least one of the appointed persons is registered with the Health Professions Council of South Africa and is registered as an advanced life support paramedic;

(c) a person appointed has not at any time been convicted of a criminal offence involving dishonesty or violence; and

(d) a person appointed is independent of, and has no direct or indirect financial or other material interest in—

(i) a controlling body;

(ii) the event organiser;

(iii) a stadium or venue owner; and

(iv) any other person who is directly or indirectly linked to the persons referred to in subparagraphs (i) to (iii).

(5) The local authority must issue an inspector appointed in terms of subsection (1) with a certificate of appointment which the inspector must produce if so requested during an inspection.

(6) A person present at an inspection must cooperate with and furnish such assistance as the inspector or police official may require in the exercise of his or her powers under this Act.

CHAPTER 3

PART 1

MEASURES TO ENSURE SAFETY AND SECURITY AT EVENTS

Event safety and security planning committee

15. (1) The National Commissioner must designate in writing a police official, suitably qualified and experienced in event policing matters, with at least the rank of Captain as an authorised member, either in general or for a specific event.

(2) An authorised member must establish the event safety and security planning committee for each event categorised as medium or high-risk.

(3) The event safety and security planning committee consists of—

(a) persons who are designated and authorised by the following role-players to take decisions on the functions of the committee:

(i) The National Commissioner or an authorised member;

(ii) a local authority disaster management department or centre;

(iii) a controlling body, in respect of high-risk events only;

(iv) a stadium or venue owner;

(v) the event organiser;

(vi) an emergency service provider;

(2) Umhloli angakhashwa umsebenzi wophiko lwezemisebenzi yamaphoyisa ngesikhathi eyohlola futhi angakhashwa noma ubani okufanele asize ngesikhathi sokuhlola.

(3) Umhloli noma umsebenzi wophiko lwezemisebenzi yamaphoyisa anga—

(a) cela umuntu okunguyena obhekele inkundla yezemidlalo, inkundla yokudlalela noma izakhiwo ukuba aveze isitifiketi sokuphepha, imininingwane egciniwe, incwadi noma eminye imibhalo, kubandakanya imibhalo egcinwe ngemishini ehlobene nokulandela lo Mthetho;

(b) hlola imibhalo eshiwo endimeni *(a)* futhi uma kunesidingo enze imifanekiso yaleyo mibhalo; futhi

(c) yalela noma ubani obhekele lezo zakhiwo ukuba athathe izinyathelo ngesikhathi esithile ukuqikelela ukuthi lo Mthetho uyalandelwa.

(4) Uma kuqokwa umhloli ngaphansi kwesigatshana soku-(1), umkhandlu wasekhaya kumele uqikelele ukuthi—

(a) umuntu oqokiwe uneziqu ezifanele kanye nolwazi olufanele emkhakheni wezokuphepha kanye nokuvikela;

(b) omunye wabaqokiwe kumele kube umuntu obhalisiwe kuMkhandlu wezeMpilo waseNingizimu Afrika futhi kube umuntu obhalisiwe njengomuntu osiza abantu abalimele noma abagulayo kodwa ongeyena udokotela;

(a) participation by the public in a nomination process;

(b) transparency and openness;

(c) that a short-list of candidates for appointment is published and that every appointment of a member of the Appeal Board is published in the *Gazette*.

(4) *(a)* At least one member appointed by the Minister must be an admitted and practising attorney or advocate with at least two years experience.

(b) The Minister must designate the member referred to in paragraph *(a)* as Chairperson and another member as Deputy Chairperson of the Appeal Board.

(c) The Deputy Chairperson referred to in paragraph *(b)* must, when the Chairperson is absent or unable to perform his or her duties, act in his or her stead and when so acting, exercise or perform any function of the Chairperson.

(5) The members of the Appeal Board must, when viewed collectively be persons who—

(a) possess special knowledge and expertise relating to safety and security as well as disaster management at events; and

(b) are committed to fairness, openness and accountability on the part of those holding public office;

(6) A member of the Appeal Board is appointed for a period of two years, but is eligible for re-appointment.

Acting by member of Appeal Board after expiry of term of office

27. If, on the expiry of the term of office of a member of the Appeal Board, that member is still considering a matter before the Appeal Board, that member may continue to act as a member in respect of that matter only.

Resignation and casual appointment of member of Appeal Board

28. (1) A member of the Appeal Board may resign by giving the Minister one month's written notice of his or her intention to vacate office.

(2) A member of the Appeal Board appointed to fill a casual vacancy must hold office for the unexpired portion of the period for which the vacating member was appointed.

Quorum and decisions of Appeal Board

29. (1) Four members of the Appeal Board, which must include the Chairperson or the Deputy Chairperson, constitute a quorum at any meeting of the Board.

(2) A decision of the majority of the members present at any meeting constitutes a decision of the Appeal Board and, in the event of an equality of votes, the Chairperson has a casting vote in addition to his or her deliberative vote.

INGXENYE 2

IBHODI LOKUBUYEKEZA KANYE NEZICELO ZOKUBUYEKEZA

Ukusungulwa, ukwakheka kanye nokuqokwa kweBhodi lokuBuyekeza

26. (1) Ngakho-ke kuzosungulwa ibhodi elizimele elizokwaziwa njengeBhodi lokuBuyekeza elizolalela futhi linqume ngezicelo zokubuyekeza izinqumo ezenziwe ngokwemigomo yalo Mthetho.

(2) IBhodi lokuBuyekeza lakhiwe amalungu ayisikhombisa aqokwe uNgqongqoshe elulekwa isiGungu sikaZwelonke.

(3) Amalungu eBhodi lokuBuyekeza kumele aqokwe ngendlela ezoqikelela—

(a) ukubandakanywa komphakathi ngesikhathi kuphakamiswa amagama abantu;

(b) ukuba sobala kanye nokuvuleleka;

(c) uhlu lwamagama abantu abahlungelwe ukuqokwa kumele lushicilelwe futhi nokuqokwa kwamalungu eBhodi lokuBuyekeza kumele kushicilelwe kuSomqulu.

(4) *(a)* Okungenani ilungu elilodwa eliqokwe uNgqongqoshe kumele kube umuntu oqashiwe futhi osebenza njengommeli onelungelo lokushushisa noma abe ngummeli onolwazi lomsebenzi okungenani iminyaka emibili.

(b) UNgqongqoshe kufanele aqoke ilungu elishiwo endimeni *(a)* ukuba libe uSihlalo futhi aqoke nelinye ilungu libe iPhini likaSihlalo weBhodi lokuBuyekeza.

(c) IPhini likaSihlalo elishiwo endimeni *(b)*, uma uSihlalo engekho noma engeke akwazi ukwenza imisebenzi yakhe, kumele, lingene endaweni yakhe futhi ngesikhathi lingena endaweni yakhe, lisebenzise noma lenze imisebenzi kaSihlalo.

(5) Amalungu eBhodi lokuBuyekeza kumele, uma ebhekwa ngokuhlanganiswa kube abantu—

(a) abanolwazi olukhethekile futhi babe namakhono ahlobene nokuphepha kanye nokuvikela kanye nokusingathwa kwenhlekelele emicimbini; futhi

(b) abazinikele ukusebenza ngendlela engakhethi muntu, evulelekile futhi kube abantu abazibophezele ukusebenzela uhulumeni;

(6) Ilungu leBhodi lokuBuyekeza liqokelwa isikhathi esiyiminyaka emibili, kodwa lingakwazi ukuphinda liqokwe.

Ukusebenza kwelungu leBhodi lokuBuyekeza ngemuva kokuphelelwa isikhathi kweBhodi lokuBuyekeza

27. Ngemuva kokuphelelwa isikhathi sokusebenza kweBhodi lokuBuyekeza, uma, lelo lungu lisadingida udaba olufakwe ngaphambi kweBhodi lokuBuyekeza, lelo lungu lingaqhubeka lisebenze njengelungu leBhodi lokuBuyekeza kulolo daba kuphela.

Ukusula esikhundleni kanye nokuqokwa kwelungu lesikhashana leBhodi lokuBuyekeza

28. (1) Ilungu leBhodi lokuBuyekeza lingasula esikhundleni ngokuba libhalele uNgqongqoshe isaziso esiyinyanga eyodwa ngezinhloso zalo zokusula emsebenzini.

(2) Ilungu leBhodi lokuBuyekeza eliqokelwe ukuthatha isikhundla okwesikhashana kumele lisebenze leso sikhathi esisasele ngaphambi kokuba iBhodi lokuBuyekeza liphelelwe isikhathi.

Inani lamalungu elidingekayo ukuqala umhlangano kanye nezinqumo zeBhodi lokuBuyekeza

29. (1) Amalungu amane eBhodi lokuBuyekeza, abandakanya uSihlalo noma iPhini likaSihlalo, ayinani lamalungu angaqala umhlangano kunoma ngabe omuphi umhlangano weBhodi.

(2) Isinqumo samalungu amaningi kuzoba isona isinqumo seBhodi futhi, uma kwenzeka amavoti elingana, uSihlalo uzoba nevoti eliwunqamulajuqu ukwengeza evotini abelifakile.

Removal of member and dissolution of Appeal Board

30. (1) The Minister must remove a member of the Appeal Board from office on account of misconduct or inability to perform his or her duties efficiently after due inquiry and upon recommendation by the National Assembly.

(2) *(a)* The National Assembly may, after due inquiry and by the adoption of a resolution, recommend the removal of a member of the Appeal Board from office on account of any or all of the following:

(i) Misconduct;

(ii) inability to perform the duties of his or her office efficiently;

(iii) absence from three consecutive meetings of the Appeal Board without the permission of the Appeal Board, except on good cause shown;

(iv) failure to disclose a conflict of interest in a matter heard by the Appeal Board or participation in proceedings of the Appeal Board while having an interest in the matter heard by the Appeal Board; or

(v) his or her becoming disqualified as contemplated in section 34.

(b) The National Assembly may, after due inquiry and by the adoption of a resolution, recommend the dissolution of the Appeal Board if it fails in discharging its duties in terms of this Act.

(3) The Minister—

(a) may suspend a member of the Appeal Board from office at any time after the proceedings of the National Assembly for the removal of the member have commenced;

(b) must act in accordance with a recommendation contemplated in subsection (2) within 30 days of receipt by the Minister of that recommendation;

(c) must dissolve the Appeal Board if the resolution of the National Assembly recommends the removal of all the members of the Appeal Board.

Appointment of interim Appeal Board

31. (1) *(a)* Upon the dissolution of the Appeal Board, the Minister must appoint an interim Appeal Board consisting of a person referred to in section 26(4) and three other persons recommended by the National Assembly.

(b) The interim Appeal Board must be appointed within 10 days of receipt of the recommendations of the National Assembly by the Minister and is appointed for a period not exceeding six months.

Chairperson and Deputy Chairperson of interim Appeal Board

32. (1) *(a)* The Minister must designate the member of the interim Appeal Board referred to in section 26(4) as the Chairperson and another member as the Deputy Chairperson.

(b) The Deputy Chairperson of the interim Appeal Board designated in terms of paragraph *(a)* must, when the Chairperson is absent or unable to perform his or her duties, act in his or her stead and when so acting, exercise or perform any function of the Chairperson.

Quorum of interim Appeal Board

33. A quorum for any meeting of the interim Appeal Board is three members.

Disqualification from appointment to Appeal Board

34. A person is disqualified from appointment to the Appeal Board if such person—

(a) is not a citizen of, or not permanently resident, in the Republic;

(b) is subject to an order of a competent court declaring such person to be mentally ill or disordered;

Ukukhishwa kwelungu kanye nokususwa kweBhodi lokuBuyekeza

30. (1) UNgqongqoshe kumele akhiphe ilungu leBhodi lokuBuyekeza esikhundleni uma lingaziphethe kahle noma uma lingakwazi ukwenza imisebenzi ngendlela efanele ngemuva kokwenziwa kophenyo futhi nangezincomo ezenziwe isiGungu sika-Zwelonke.

(2) *(a)* Ngemuva kophenyo futhi ngokuvumelana nezincomo, isiGungu sika-Zwelonke singaphakamisa ukukhishwa kwelungu leBhodi lokuBuyekeza esikhundleni ngesizathu sokunye noma kwakho konke lokhu okulandelayo:

(i) Ukungaziphathi kahle;

(ii) ukungenzi ngendlela efanele imisebenzi yehhovisi lakhe;

(iii) ukungafiki emihlanganweni yeBhodi lokuBuyekeza izikhathi ezintathu zilandelana, ngaphandle kwemvume yalo kungekho isizathu esizwakalayo;

(iv) ukuhluleka ukukhombisa ukushayisana kwemibono odabeni olulalelwe iBhodi lokuBuyekeza noma ukuzibandakanya nezithangamu zeBhodi lokuBuyekeza ngesikhathi lilalele udaba olulalelwe iBhodi lokuBuyekeza; noma

(v) uma kungafanelekile ukuba lenze umsebenzi njengoba kuvezwe esigatsheni sama-34.

(b) Ngemuva kophenyo futhi nangokwamukela izincomo, isiGungu sikaZwelonke singaphakamisa ukususwa kweBhodi lokuBuyekeza uma lihluleka ukwenza imisebenzi yalo ngokwemigomo yalo Mthetho;

(3) UNgqongqoshe—

(a) angamisa ilungu leBhodi lokuBuyekeza emsebenzini walo nganoma esiphi isikhathi ngemuva kokuqala kwesiGungu sikaZwelonke ukudingida uku-khishwa kwelungu;

(b) kumele alandele izincomo ezivezwe esigatshaneni sesi-(2) zingakapheli izinsuku ezingama-30 uNgqongqoshe ezitholile lezo ziphakamiso;

(c) kumele asuse iBhodi lokuBuyekeza uma izincomo zesiGungu sikaZwelonke ziphakamisa ukususwa kwawo wonke amalungu eBhodi lokuBuyekeza.

Ukuqokwa kweBhodi lokuBuyekeza lesikhashana

31. (1) *(a)* Uma sekususwe iBhodi lokuBuyekeza, uNgqongqoshe kumele aqoke iBhodi lokuBuyekeza lesikhashana elibandakanya abantu abashiwo esigatshaneni sama-26(4) kanye nabanye abantu abathathu abaphakamiswe isiGungu sikaZwelonke.

(b) IBhodi lokuBuyekeza lesikhashana kumele liqokwe zingakapheli izinsuku ezili-10 ngemuva kokuba uNgqongqoshe esethole izincomo zesiGungu sikaZwelonke futhi liqokelwe isikhathi esingadlulile izinyanga eziyisithupha.

USihlalo kanye nePhini likaSihlalo beBhodi lokuBuyekeza lesikhashana

32. (1) *(a)* UNgqongqoshe kumele aqoke ilungu elilodwa leBhodi lokuBuyekeza lesikhashana elishiwo esigatsheni sama-26(4) libe uSihlalo nelinye ilungu ukuba libe iPhini likaSihlalo.

(b) IPhini likaSihlalo weBhodi lokuBuyekeza lesikhashana eliqokwe ngokwe-migomo yendima *(a)*, uma usihlalo engekho noma engeke akwazi ukwenza imisebenzi yakhe, kumele lingene endaweni yakhe futhi ngaleso sikhathi, lisebenzise noma lenze imisebenzi kaSihlalo.

Inani lamalungu elidingekayo ukuqala umhlangano weBhodi lokuBuyekeza

33. Inani lamalungu angaqala umhlangano anoma ngabe omuphi umhlangano weBhodi lokuBuyekeza lakhiwa amalungu amathathu.

Abantu abangakulungele ukuQokelwa iBhodi lokuBuyekeza

34. Umuntu akafanele ukuba aqokelwe iBhodi lokuBuyekeza uma lowo muntu—

(a) engesona isakhamuzi, noma engeyena umhlali ngokungcwele, eRiphabhuliki;

(b) inkantolo ikhiphe umyalelo wokuthi lowo muntu ugula ngekhanda noma akekho esimweni esifanele;

(c) is convicted, after the commencement of this Act, whether in the Republic or elsewhere, of any offence for which such person is sentenced to imprisonment without the option of a fine;

(d) at any time prior to the date of commencement of this Act was convicted, or at any time after such commencement is convicted—

(i) in the Republic, of theft, fraud, forgery and uttering a forged document, perjury, or an offence in terms of the Prevention of Corruption Act, 1958 (Act No. 6 of 1958), the Corruption Act, 1992 (Act No. 94 of 1992), Part 1 to 4, or section 17, 20 or 21 (in so far as it relates to the aforementioned offences) of Chapter 2 of the Prevention and Combating of Corrupt Activities Act, 2004;

(ii) elsewhere, of any offence corresponding materially with any offence referred to in subparagraph (i);

(iii) whether in the Republic or elsewhere, of any offence involving dishonesty; or

(e) has been convicted of an offence under this Act.

Conflicts and disclosure of interest by members of Appeal Board

35. (1) A person appointed to the Appeal Board must make the necessary disclosure whether such person—

(a) directly or indirectly, whether personally or through his or her spouse, partner or associate, has a direct or indirect financial interest in a controlling body, an event organiser or a stadium or venue; or

(b) his or her spouse, partner or associate, holds an office in or is employed by any company, organisation or other body, whether corporate or incorporate, which has a direct or indirect financial interest of the nature contemplated in paragraph *(a)*.

(2) If at any stage during the course of any proceedings before the Appeal Board it appears that any member of the Appeal Board has or may have an interest which may cause a conflict of interest referred to in subsection (1) to arise on his or her part the member of the Appeal Board must forthwith fully disclose the nature of his or her interest and recuse him or herself from the proceedings of the Appeal Board.

Functions of Appeal Board

36. (1) In addition to hearing any dispute arising in terms of this Act, the Appeal Board may hear appeals involving a person who is aggrieved by a decision or the terms and conditions attributable to that decision regarding—

(a) the risk categorisation of an event;

(b) the issuing of a—

(i) safety certificate contemplated in section 8, 9, 10, or 11;

(ii) prohibition notice; or

(iii) spectator exclusion notice;

(c) the amendment of—

(i) the risk categorisation of an event; or

(ii) a safety certificate or notice contemplated in paragraph *(b)*.

(2) The Appeal Board may confirm or set aside any decision taken in terms of this Act and may, in the place of any decision so set aside, impose a decision which in its opinion is appropriate.

Procedure and rules of Appeal Board

37. The Appeal Board may determine its own internal procedure to dispose of appeals subject to any rules that may be prescribed.

(c) elahlwa icala, elenza ukuba athole isigwebo sokugqunywa ejele ngaphandle kokunikezwa inhlawulo, eRiphabhuliki noma kwenye indawo, ngemuva kokuqala kwalo Mthetho;

(d) elahlwe icala ngaphambi kokuqala ukusebenza kwalo Mthetho, noma walahlwa icala ngesinye isikhathi ngemuva kokuqala ukusebenza kwalo mthetho—

(i) elahlwe icala eRiphabhuliki, lokuntshontsha, ukukhwabanisa, ukwenza izincwadi ezingekho emthethweni futhi esebenzisa izincwadi ezingekho emthethweni, eqamba amanga efungile noma elahlwe icala ngokwemigomo ye-*Prevention of Corruption Act, 1958 (Act No. 6 of 1958)* i-*Corruption Act, 1992 (Act No. 94 of 1992),* iNgxenye yoku-1 kuya kweye-4, noma esigatsheni se-17, sama-20 noma sama-21 (esihlobene nalawo macala abaluliwe) eSahluko 2 se-*Prevention and Combating of Corrupt Activities Act, 2004;*

(ii) elahlwe icala kwenye indawo, elihambisana necala elishiwo endimeni (i);

(iii) elahlwe icala eRiphabhuliki noma kwenye indawo, elihlobene noku-ngathembeki; noma

(e) elahlwe icala ngaphansi kwalo Mthetho.

Ingxabano kanye nokudalula inzuzo etholwa amalungu eBhodi lokuBuyekeza

35. (1) Umuntu oqokelwe ukuba seBhodini lokuBuyekeza kumele adalule uma ngabe lowo muntu—

(a) kunenzuzo etholakala ngqo noma ngenye indlela, itholwa uyena noma ahlalisana naye, umlingani wakhe noma abambisene naye, evela ngqo egatsheni elilawulayo noma ayithola ngenye indlela ivela egatsheni elilawulayo, kumgqugquzeli womcimbi noma kumnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela; noma

(b) ahlalisana naye, umlingani wakhe noma obambisene naye, enesikhundla noma eqashwe inkampani, inhlangano noma elinye igatsha, lebhizinisi noma okungelona lebhizinisi, elithola inzuzo evela ngqo noma ngenye indlela kulokho okuvezwe endimeni *(a)*.

(2) Uma ngesikhathi sezithangamu zeBhodi lokuBuyekeza kuvela ukuthi kunelungu leBhodi lokuBuyekeza okukhona noma kungaba khona inzuzo eliyizuzayo okungase kubangele ukushayisana kwemibono okushiwo isigatshaneni soku-(1) ilungu leBhodi lokuBuyekeza kumele ngaleso sikhathi lidalule ngokugcwele inzuzo yalo futhi liziphumele ngokwalo ezithangamini zeBhodi lokuBuyekeza.

Imisebenzi yeBhodi lokuBuyekeza

36. (1) Ukwengeza ekulaleleni ingxabano esuke ngokwemigomo yalo Mthetho, iBhodi lokuBuyekeza lingalalela isicelo sokubuyekeza esibandakanya umuntu onganelisekile kahle isinqumo noma imigomo nemibandela ehambisana naleso sinqumo emayelana—

(a) nokuhlukaniswa komdlalo ngobungozi bawo;

(b) ukukhishwa kwe—

(i) sitifiketi sokuphepha esivezwe esigatsheni se-8, 9, 10, noma 11;

(ii) isaziso esinqabelayo; noma

(iii) isaziso ngezethameli ezingavumelekile;

(c) ukuchibiyelwa—

(i) kokuhlukaniswa komcimbi ngobungozi bawo; noma

(ii) isitifiketi sokuphepha noma isaziso esivezwe endimeni *(b)*.

(2) IBhodi lokuBuyekeza lingaqinisisekisa noma lichithe isinqumo esithathwe ngokwemigomo yalo Mthetho, endaweni yesinqumo esichithiwe, lingafaka isinqumo elibona sifanele.

Inqubo kanye nemithetho yeBhodi lokuBuyekeza

37. IBhodi lokuBuyekeza linganquma inqubo yalo yangaphakathi yokuhlela izicelo zokubuyekeza eziphathelene nemithetho enqunyiwe.

Administrative support to Appeal Board

38. The administrative work connected with the performance of the functions of the Appeal Board must be performed by officers of the Department of Sport and Recreation of the Republic of South Africa, designated by the Director-General: Sport and Recreation South Africa for that purpose.

Expenditure of Appeal Board

39. The Department of Sport and Recreation of the Republic of South Africa is responsible for expenditure of the Appeal Board.

Remuneration of members of Appeal Board

40. The Minister may, in consultation with the Minister of Finance, determine the remuneration, allowances, and other benefits of the Chairperson, Deputy Chairperson and other members of the Appeal Board.

Report of Appeal Board

41. The Appeal Board must annually submit to the Minister a report on the activities of the Appeal Board which must be tabled in Parliament.

Appeals

42. (1) A person that is not satisfied with a decision taken against him or her under this Act may, within 14 days, lodge a written appeal with the Appeal Board established under section 26.

(2) The appeal contemplated in subsection (1) must be submitted with a written statement to the chairperson of the Appeal Board setting out the grounds upon which the appeal is based.

(3) Until any appeal has been decided by the Appeal Board, the decision must be regarded to have been validly made or given.

(4) The prosecution of an appeal in terms of this section must follow the prescribed procedure.

(5) The Appeal Board must promptly decide and dispose of an appeal lodged before it and in any case must ensure that the object of lodging the appeal is not defeated by the Appeal Board's delay in reaching its decision.

CHAPTER 4

GENERAL PROVISIONS, SHORT TITLE AND COMMENCEMENT

Fees

43. The Minister may prescribe fees that are payable to meet administrative costs relating to compliance with this Act.

Offences and penalties

44. (1) A person is guilty of an offence if that person—

(a) organises the event in contravention of section 5(1);

(b) fails to comply with the provisions of section 4(1), 4(2), 4(4)*(a)*, 4(4)*(b)*, 4(5)*(a)* and 4(7);

(c) contravenes or fails to comply with section 5(2);

(d) fails to comply with section 14(6);

(e) organises the event without obtaining a valid certificate contemplated in section 8;

(f) undertakes construction of a stadium or venue without obtaining a valid certificate contemplated in section 9;

Ukusekwa kweBhodi lokuBuyekeza ngezokuphatha

38. Umsebenzi wokuphatha oxhumene nokwenziwa kwemisebenzi yeBhodi loku-Buyekeza kumele wenziwe abasebenzi boMnyango wezeMidlalo kanye noku-Ngcebeleka waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, oqokwe uMqondisi-Jikelele: WezeMidlalo nokuNgcebeleka waseNingizimu Afrika ewuqokela leyo njongo.

Izindleko zeBhodi lokuBuyekeza

39. UMnyango wezeMidlalo kanye nokuNgcebeleka waseRiphabhuliki yase-Ningizimu Afrika ubhekene nezindleko zeBhodi lokuBuyekeza.

Inkokhelo yamalungu eBhodi lokuBuyekeza

40. Ngemuva kokuxoxisana noNgqongqoshe wezeziMali, uNgqongqoshe anga-nquma inkokhelo, imali enqunyiwe, kanye nezinye izinzuzo zikaSihlalo kanye namanye amalungu eBhodi lokuBuyekeza.

Umbiko weBhodi lokuBuyekeza

41. IBhodi lokuBuyekeza kufanele njalo ngonyaka linikezele ngombiko kuNgqongqoshe omayelana nemisebenzi yalo okumele wethulwe ePhalamende.

Izicelo zokubuyekeza

42. (1) Umuntu onganelisekile ngesinqumo akhishelwe sona ngaphansi kwalo Mthetho, angafaka isicelo esibhaliwe asifake eBhodini lokuBuyekeza elisungulwe ngaphansi kwesigatshana sama-26, zingakapheli izinsuku eziyi-14.

(2) Isicelo sokubuyekeza esivezwe esigatshaneni soku-(1) kufanele sinikezwe uSihlalo weBhodi lokuBuyekeza sihambisane nesitatimende esibhaliwe esiveza izi-zathu zezicelo sokubuyekeza esisuselwa kuzona.

(3) Isinqumo esakhishwa kufanele sithathwe njengesisebenzayo futhi nesinqunyiwe, kuze kube iBhodi lokuBuyekeza, liyanquma ngesicelo sokubuyekeza.

(4) Ukushushiswa kwesicelo sokubuyekeza ngokwemigomo yalesi sigaba kumele kulandele inqubo enqunyiwe.

(5) IBhodi lokuBuyekeza kufanele ngokushesha linqume futhi lihlele isicelo sokubuyekeza esifakwe ngaphambi kwalo futhi kumele liqikelele ukuthi ukufakwa kwesicelo sokubuyekeza akuphazamiswa ukubambezeleka kweBhodi lokuBuyekeza ekukhipheni isinqumo salo.

ISAHLUKO 4

IMIBANDELA EJWAYELEKILE, ISIHLOKO ESIFINGQIWE KANYE NOKUQALA UKUSEBENZA KOMTHETHO

Izimali

43. UNgqongqoshe anganquma izimali ezizokhokhwa ukuhlangabezana nezindleko zokuphatha ezihlobene nalo Mthetho.

Amacala kanye nezigwebo

44. (1) Umuntu uzotholakala enecala uma lowo muntu—

(a) ehlela umcimbi ngokwaphula isigaba sesi-5(1);

(b) ehluleka ukulandela imibandela yesigaba sesi-4(1), 4(2), 4(4)*(a)*, 4(4)*(b)*, 4(5)*(a)* noma 4(7);

(c) ephula noma ehluleka ukulandela isigaba sesi-5(2);

(d) ehluleka ukulandela isigaba sesi-14(6);

(e) ehlela umcimbi ngaphandle kokuthola isitifiketi esisebenzayo esivezwe isigaba sesi-8;

(f) akha inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela ngaphandle kokuthola isitifiketi esisebenzayo esivezwe esigatsheni sesi-9;

(g) effects alterations to or extends a stadium or venue without obtaining a valid certificate contemplated in section 10;

(h) organises the event, where the event has been categorised as a high-risk event, without obtaining a certificate contemplated in section 11;

(i) fails to comply with the conditions of a safety certificate contemplated in section 12;

(j) fails to comply with a prohibition notice contemplated in section 21;

(k) fails to comply with a spectator exclusion notice contemplated in section 22;

(l) contravenes the event ticket condition, or written conditions of entry into a stadium or venue or route;

(m) is in possession of a prohibited or restricted object or substance within a stadium or venue or along a route;

(n) fails to comply with a lawful request of or directive given by a police official, or hinders, interferes with or obstructs a police official, a private security service provider, a member of the event safety and security planning committee, an access control officer, a peace officer, a member of the emergency or essential services, or a member of a local authority, in the carrying out of their duties;

(o) hinders or interferes with or obstructs an authorised member or VOC commander in the carrying out of his or her duties;

(p) throws, kicks, knocks or hits any object within a stadium, venue or along a route or its respective precincts at or towards—

(i) the playing area, or any area adjacent to the playing area to which spectators are not generally admitted; or

(ii) any area in which spectators or other persons are or may be present, without authorisation;

(q) damages or destroys any movable or immovable property inside a stadium or venue or along a route or its respective precincts without authorisation;

(r) engages in delinquent and anti-social behaviour inside a stadium or venue or along a route or its respective precincts, including engaging in racist, vulgar, inflammatory, intimidating or obscene language or behaviour;

(s) enters a designated area or traffic-free zone inside a stadium, venue or route or its respective precincts, without the prior written authorisation of a controlling body, event organiser or stadium or venue owner;

(t) conducts commercial activities at the event without authorisation of the event organiser; or

(u) parks a motor vehicle, without the written authorisation of an event organiser, authorised member or VOC commander, within a designated traffic free zone or any area or zone demarcated or marked as a traffic free zone or where parking of a motor vehicle is prohibited inside or outside of a stadium or a venue.

(2) A person convicted of an offence in terms of this Act, is liable—

(a) in the case of a contravention of subsection (1)*(a)*, *(b)*, *(h)*, *(j)* or *(n)* to a fine or to imprisonment for a period not exceeding 20 years, or to both a fine and such imprisonment;

(b) in the case of a contravention of any of subsections (1)*(c)* to *(g)*, *(i)*, *(m)*, *(o)* to *(u)*, to a fine or to imprisonment for a period not exceeding 10 years, or to both a fine and such imprisonment; or

(c) in any other case, to a fine or to imprisonment for a period not exceeding five years, or to both a fine and such imprisonment.

(g) elungisa noma enweba inkundla yezemidlalo noma inkundla yokudlalela ngaphandle kokuthola isitifiketi esisebenzayo esivezwe esigatsheni se-10;

(h) ehlela umcimbi, lowo mcimbi ube uchazwe njengomcimbi onobungozi kakhulu, engasitholile isitifiketi esivezwe esigatsheni se-11;

(i) ehluleka ukulandela imibandela yesitifiketi sokuphepha esivezwe esigatsheni se-12;

(j) ehluleka ukulandela isaziso esinqabelayo esivezwe esigatsheni sama-21;

(k) ehluleka ukulandela isaziso sezethameli ezingavumelekile esivezwe esigatsheni sama-22;

(l) ephula umbandela wethikithi lomcimbi, noma umbandela obhaliwe wokungena enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni;

(m) etholakala enokuthile noma notho olungavumelekile noma olunqatshelwe enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni;

(n) ehluleka ukulandela isicelo somthetho noma isiyalo esinqunywe umsebenzi wophiko lwezemisebenzi ezamaphoyisa, noma evimba, egxambukela noma ephazamisa ophakela ngomsebenzi wonogada ozimele, ilungu lekomidi elihlela ukuphepha kanye nokuvikela emcimbini, olawula intuba yokungena, oqaphe ukuthula, ilungu labezosizo oluphuthumayo noma lemisebenzi esemqoka, noma ilungu lomkhandlu wasekhaya, ekwenzeni imisebenzi yabo;

(o) evimba noma egxambukela noma ephazamisa ilungu eligunyaziwe noma umphathi we-VOC ekwenzeni imisebenzi yakhe;

(p) ephonsa, ekhahlela noma eshaya noma yini esenkundleni yezemidlalo, esenkundleni yokudlalela noma emzileni noma esemagcekeni noma okungaphambili—

(i) kwendawo yokudlalela, noma endaweni esondelene nendawo yokudlalela lapho izethameli zingavumelekile ukuba zingene khona; noma

(ii) endaweni lapho izethameli noma lapho kukhona abantu noma okumele kube khona abantu kuyona, ngaphandle kwemvume;

(q) ukulimaza noma ukucekela phansi impahla ephathekayo noma eyakhelwe ngaphakathi enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni noma esemagcekeni ngaphandle kwemvume;

(r) ebandakanyeka ezintweni ezingahambisani nomthetho futhi engaziphethe ngendlela efanele enkundleni yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela noma emzileni noma inkundla yokudlalela ezungezile, esebenzisa ulimi noma ukuziphatha ngokobuhlanga, inhlamba, uthuthuva, ukusabisa noma ukuthuka;

(s) engena endaweni ekhethekile noma endaweni engenaso isiminyaminya ngaphakathi enkundleni yezemidlalo, enkundleni yokudlalela noma emzileni noma endaweni ezungezile, ngaphandle kokuthola igunya elibhaliwe elinikezwa igatsha elilawulayo, umgqugquzeli womcimbi noma umnikazi wenkundla yezemidlalo noma wenkundla yokudlalela; noma

(t) ethengisa emcimbini ngaphandle kokuthola igunya kumgqugquzeli womcimbi.

(u) epaka imoto, ngaphandle kwegunya elibhaliwe lomgqugquzeli womcimbi, ilungu eligunyaziwe noma kumphathi we-VOC, endaweni ethile engenaso isiminyaminya noma kwenye indawo noma endaweni eklanyiwe noma endaweni ethathwa ngokuthi indawo engenaso isiminyaminya noma endaweni lapho ukupakwa kwezimoto kungavumelekile ngaphakathi noma ngaphandle kwenkundla yezemidlalo noma enkundleni yokudlalela.

(2) Umuntu olahlwe icala ngokwemigomo yalo Mthetho, uzobhekana—

(a) uma ephule isigatshana soku-(1)*(a)* *(b)*, *(h)*, *(j)* noma *(n)* uzokhokha inhlawulo noma agqunywe ejele isikhathi esingadlulile eminyakeni engama-20, noma akhokhe inhlawulo futhi aphinde agqunywe ejele; noma

(b) uma ephula izigatshana soku-(1)*(c)* kuya *(g)*, *(i)*, *(m)*, *(o)* kufika ku-*(u)*, uzokhokha inhlawulo noma agqunywe ejele isikhathi esingadlulile eminyakeni eli-10, noma akhokhe inhlawulo futhi aphinde agqunywe ejele.

(c) kwamanye amacala, uzokhokha inhlawulo noma agqunywe ejele isikhathi esingadlulile eminyakeni emihlanu, noma akhokhe inhlawulo futhi aphinde agqunywe ejele.

Regulations

45. (1) The Minister may make regulations regarding—

(a) subject to subsection (2), any matter that may or must be prescribed in terms of this Act;

(b) subject to subsection (2), the form and manner in which an application required under this Act must be made;

(c) subject to subsection (2), the format of a certificate which may be issued under this Act;

(d) subject to subsection (2), the format of any notice contemplated in this Act;

(e) fees contemplated in section 43;

(f) the control and monitoring of commercial activities at events;

(g) the education of spectators and event organisers by controlling bodies;

(h) the accredited training of stadium, venue and event personnel; and

(i) subject to subsection (2), any other ancillary or incidental administrative or procedural matter that it is necessary to prescribe for the proper implementation or administration of this Act.

(2) The Minister of Police may make regulations on—

(a) matters related to safety and security, including but not limited to—

(i) the information in respect of planned events; or

(ii) the ticketing of events;

(b) the criteria, conditions and other requirements for the issuing of certificates in respect of the event; and

(c) all matters related to accreditation.

(3) The Minister of Police may, make regulations on matters related to safety and security, including but not limited to—

(a) the respective roles and responsibilities of safety and security role-players at events;

(b) the deployment of state security services at events;

(c) the provision of emergency and essential services at events;

(d) the powers of police officials at events;

(e) the functioning and monitoring of the VOC; or

(f) the control of vendors at events;

(4) Any regulation made under this section may declare a contravention thereof or failure to comply therewith to be an offence and that a person convicted of such an offence may be sentenced to a fine or to imprisonment for a period not exceeding 12 months or to both a fine and such imprisonment.

Delegation

46. (1) The Minister may delegate any of his or her powers or assign any of his or her duties imposed by this Act, excluding the power to make regulations, to any official in his or her Department holding the rank of at least Deputy Director-General.

(2) Any delegation or assignment contemplated in subsection (1)—

(a) may be made subject to such conditions as the Minister may determine; and

(b) must be in writing.

(3) The Minister may at any time withdraw a delegation or assignment in writing.

(4) The National Commissioner may delegate any of his or her powers or assign any of his or her duties imposed by this Act to any police official of the rank of Captain or above.

(5) Despite a delegation or assignment under subsection (4), the National Commissioner is not divested of any power or duty so delegated or assigned.

Izimiso zomthetho

45. (1) UNgqongqoshe angenza izimiso zomthetho ezimayelana—

(a) nesigatshana (2), zanoma oluphi udaba olungase noma okumele lunqunywe ngokwemigomo yalo Mthetho;

(b) nesigatshana sesi-(2), zesimo kanye nendlela okumele kufakwe ngayo isicelo ngaphansi kwalo Mthetho;

(c) nesigatshana sesi-(2), zendlela okumele isitifiketi sikhishwe ngayo ngaphansi kwalo Mthetho;

(d) nesigatshana sesi-(2), zendlela okubhalwa ngayo isaziso esivezwe kulo Mthetho;

(e) nezimali ezivezwe esigatsheni sama-43;

(f) nokulawulwa kanye nokuqashelwa kokuthengiswayo emicimbini;

(g) nezinga lemfundo yezethameli kanye nabagqugquzeli bomcimbi okwenziwa amagatsha alawulayo;

(h) ukuvivinywa okugunyaziwe kwenkundla yezemidlalo, inkundla yokudlalela kanye nabantu bomcimbi;

(i) nesigatshana sesi-(2), sakho konke kokulekelela ukuphatha noma okuhambisana nokuphatha noma udaba oluhambisana nenqubo okufanele inqunywe ukuze isetshenziswe ngendlela efanele noma ukusetshenziswa kwalo Mthetho.

(2) UNgqongqoshe wezamaPhoyisa angenza izimiso zomthetho eziphathelene—

(a) nezindaba ezihlobene nokuphepha kanye nokuvikela, ezibandakanya lokhu zingagcini lapho—

(i) imininingwane emayelana nemicimbi ehleliwe; noma

(ii) ukudayiswa kwamathikithi omcimbi;

(b) inqubo, imibandela kanye nezinye izimfuno zokukhishwa kwesitifiketi esimayelana nomcimbi; futhi

(c) nazo zonke izindaba eziphathelene nemvume yemicimbi;

(3) UNgqongqoshe wezamaPhoyisa, angenza izimiso zomthetho ezindabeni ezihlobene nokuphepha kanye nokuvikela, ezibandakanya kodwa zingagcini—

(a) ngemisebenzi ethile kanye nezibophezelo zabaqondene nokuphepha kanye nokuvikela emicimbini;

(b) ukutshalwa konogada bakahulumeni emicimbini;

(c) ukuhlinzekela ngosizo oluphuthumayo kanye nemisebenzi esemqoka emicimbini;

(d) amagunya abasebenzela uphiko lwezemisebenzi yamaphoyisa emicimbini;

(e) ukusebenza kanye nokuqapha i-VOC; noma

(f) ukulawulwa kwabadayisi emicimbini;

(4) Noma ngabe esiphi isimiso somthetho esenziwe ngaphansi kwalesi sigaba uma siphulwa noma ukuhluleka ukusilandela kungaba icala futhi umuntu olahlwe ilelo cala angakhokha inhlawulo noma agqunywe ejele isikhathi esingadlulile izinyanga eziyi-12 noma akhokhe inhlawulo futhi aphinde agqunywe ejele.

Ukunikezela ngamandla

46. (1) UNgqongqoshe anganikezela ngamandla akhe noma adlulisele imisebenzi athweswe yona ngalo Mthetho, kunoma ubani osebenza eMnyangweni wakhe osesikhundleni sePhini likaMqondisi-Jikelele, kodwa angeke anikezele ngamandla okweza izimiso zomthetho.

(2) Ukunikezela ngamandla noma ukudlulisa imisebenzi okuvezwe isigatshaneni soku-(1)—

(a) kungenziwa ngokubheka imibandela enganqunywa uNgqongqoshe; futhi

(b) kumele kubhalwe phansi.

(3) Noma nini uNgqongqoshe angahoxisa ukunikezela ngamandla noma ukudlulisela imisebenzi ngencwadi ebhaliwe.

(4) UKhomishana kaZwelonke anganikezela ngamandla akhe noma adlulisele imisebenzi athweswe yona ngalo Mthetho kunoma ubani osebenzela uphiko lwezemisebenzi yamaphoyisa osesikhundleni sikaKaputeni noma osesikhundleni esingaphezulu kukaKaputeni.

(5) Nakuba enikezela ngamandla noma edlulisa imisebenzi ngaphansi kwesigatshana sesi-(4), uKhomishana kaZwelonke akaphucwa amandla nemisebenzi yakhe.

Limitation of liability

47. The following persons are not personally liable in respect of any act or omission performed in good faith while exercising powers or performing functions in terms of this Act, unless that performance was grossly negligent:

(a) The Minister or the Minister of Police;

(b) a person acting in terms of the authority of the Minister or the Minister of Police;

(c) the National Commissioner or an authorised member;

(d) a person acting under the lawful direction of the National Commissioner or authorised member;

(e) a member of the Appeal Board contemplated in section 26; or

(f) a combination of any of the above persons.

Short title and commencement

48. This Act is called the Safety at Sports and Recreational Events Act, 2010, and comes into operation on a date determined by the President by proclamation in the *Gazette*.

Imikhawulo yegunya

47. Laba bantu abalandelayo abahlangene nanoma esiphi isenzo noma okuchithwayo kusetshenziswa igunya noma ukwenza imisebenzi ngokwemigomo yalo Mthetho, ngaphandle uma lokho okwenziwe kwenziwe ngobukhulu ubudedengu:

(a) UNgqongqoshe noma uNgqongqoshe wezamaPhoyisa;

(b) umuntu olibamba ngokwemigomo yegunya likaNgqongqoshe noma lika-Ngqongqoshe wezamaPhoyisa;

(c) uKhomishana kaZwelonke noma ilungu eligunyaziwe;

(d) umuntu olibamba ngokomyalelo womthetho kaKhomishana kaZwelonke noma welungu eligunyaziwe;

(e) ilungu leBhodi lokuBuyekeza elivezwe esigatsheni sama-26; noma

(f) abanye kulaba bantu ababalulwe ngaphezulu.

Isihloko esifingqiwe kanye nokuqala ukusebenza koMthetho

48. Lo Mthetho uzobizwa ngokuthi uMthetho wezokuPhepha eMicimbini yezeMidlalo kanye nokuNgcebeleka, wezi-2010, futhi uzoqala ukusebenza ngosuku oluzonqunywa nguMongameli ngesimemezelo kuSomqulu.